# *Hamba, Uvuse UJesu*

Asibe silokhu simile imizuzwana embalwa manje, futhi sizoba nezwi lomkhuleko.

2 Ngifuna ukusho, kuyinhlanhla enkulu nje kimi ukuba lapha kulobubusuku kuleGrantway Assembly, nokuhlangana nomelusi wenu othandekayo lapha emsamo wakhe, nalenhlanganyelo enhle. Bengiwathokozela lawomaculo, ngimi emuva lapho, futhi ngizwa amantombazane, ngikholwa ukuthi bekuyiwo, ecula lawomahubo amahle. Futhi akukho okufana nokuhlangana ndawonye futhi sikhonze iNkosi, kukhona na?

3 Manje ake sikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje futhi sikhulume nalo Lowo Esize ukuzomkhonza.

4 Baba wethu waseZulwini, singabantu abanenhlanhla kulobubusuku, ukuba siphile futhi sibuthene lapha ukuKukhonza, futhi siyaKubonga ngalokhu. Futhi manje, asizanga ngenye inhloso kodwa ukuzokhonza Wena, nokunikeza inkazimulo nodumo kuWe ngalokho Osenzele khona. Futhi ngokuqinisekile siyavuma ukungafaneleki kwethu. Asikufanele okunjalo.

5 Futhi ukubona usuku esiphila kulo, lapho izibani zifiphala! Futhi sidinga namhlanje ukuvuka komprofethi, njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaSamuweli, ngenkathi u-Eli, ngenkathi eseqala ukufiphala, nezibani zazicisha ethempelini likaNkulunkulu. Khona-ke uNkulunkulu wavuka enkundleni. Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi uzovuka enkundleni kulobubusuku phakathi kwethu, futhi uZozibonakalisa Uphila, u—umprofethi omkhulu wabo bonke abaprofethi, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.

6 Futhi si—siyafundiswa emiBhalweni ukuthi, "UNkulunkulu wakhuluma emandulo nangezindlela eziningi kokhokho ngabaprofethi, kodwa ngalolusuku lokugcina ngeNdodana yaKhe uJesu Kristu." O, Nkosi, siyakhuleka ukuthi Uzoba phakathi kwethu kulobubusuku uku—ukusazisa uBukhona baKho, ngemisebenzi yaKho emikhulu nokubonakaliswa.

7 Busisa lombuthano, Baba, umelusi wawo, lokhu kwamukelwa okuhle, indoda enenhliziyo enhle, neyakhe... nabo bonke abaphatheli bayo, abadikoni, nomphakathi. Futhi kwangathi nje kungaba yisikhathi esikhulu senhlanganyelo. Futhi siyethemba ukuthi sizophuma lapha sijabula, sithi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho ekhuluma nathi endleleni na?" Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

8 Impela kuzwakala kumnandi ukuphindela ebandleni. Bengihambile izinsuku ezimbalwa e—i—i—iholidi, phezulu

ohambweni, uhambo lokuyozingela, futhi ngibuye. Nokuzizwa usubuyile emsamo futhi, kuzwakala kumnandi ngempela.

9 Futhi manje benginalesisimemo esivela kumelusi wenu lapha, uMfowethu Mack, emavikini athile edlule, ukuba ngehlele lapha. Kodwa kwenzeka ukuthi, niyazi, izingcingo, nezindawo okufanele ngiye kuzo, ngize ngi—angizange ngilithole ithuba lokukufeza.

Futhi kusasa ngifanele ngenyukele ePhoenix.

10 Bese kuthi ngakusasa sihambe siye eNew York yehholo elikhulu elisha elisanda kwakhiwa lapho, futhi sithola izinsuku ezimbalwa zokuqala kulo. Futhi ngakho sinoMfowethu Arne Vick, kanye—kanye namabandla axhasayo. Futhi thina . . . Ngiqinisekile umelusi wenu uyamazi uMfowethu Vick. Futhi, qhabo, hhayi u-Arne Vick. Ngicela uxolo. Kholwa ukuthi kwakunguJohn, mhlawumbe umfowethu, neStone Church, umelusi weStone Church enkulu, okungumbuthabo omkhulu wePentecostal eNew York.

11 Bese-ke siphuma lapho sibuyela ezansi eShreveport, eLouisiana, okwengqunguthela lapho noMfowethu Jack Moore. Sasilapho njalo ngeNkonzo yokubonga. IziNkonzo zokubonga ezintathu ezedlule, ngaqala umhlangano lapho; iNkosi yakwenza, njalo. Ngicela uxolo. Futhi imvuselelo ayikaze iphele kusukela lapho. Njalonjalo, abantu bayangena, besindiswa, futhi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele, njalonjalo kusukela ngaleso sikhathi. Futhi imvuselelo iyaqhubeka. Futhi sinezinsuku ezinhlanu nabo. Bese kuthi-ke ngicabanga nge . . .

12 Buya khona-ke uku . . . phezulu ukuya ePhoenix, ukuqala ziyishumi nesishiyagalolunye, eRamada Inn lapho. Okokuqala, ziyishumi nesishiyagalolunye, zingamashumi amabili, zingamashumi amabili-nanye, zingamashumi amabili-nambili, futhi zingamamashumi amabili-nantathu, ngiyacabanga, ngumhlangano. Ngokujwayelekile, ngisuka ebandleni ngiye ebandleni, ngaphambi kwengqungquthela yeChristian Business Men. Kodwa sinenkathazo nge . . . Uqala ibandla lokuqala, bese-ke mhlawumbe elilandelayo lincane, futhi abantu abakwazi ukungena. Futhi ngakho sizizwela, khona-ke, uma bengingathola iRamada, leyo ehlalisa lapho, o, izinkulungwane ezintathu noma ezine, awu, khona-ke ngingabahlanganisa bonke, wonke umuntu ndawonye, futhi siqhubeke ubusuku obune ngaphambi kwengqungquthela yeChristian Business Men. Futhi ngizoba nobusuku obubili, ngiyacabanga, ngikhulume ubusuku obubili kulokho. Okungukuthi, uMfowethu Roberts nezinye izikhulumi ezinhle bayakhuluma kulowomhlangano.

13 Bese-ke, ukusuka lapho, ukuya eVisalia. Bese kuthi-ke siyaqhubeka kuze kube cishe ngoMashi, lapha e-United States. Bese-ke siya eYurophu okohambo lokuvakasha, kuze kube

uJuni, futhi banenkomfa yomhlaba lapho. Bese-ke, futhi, ngizokhuluma ubusuku obuhlanu ePhiladelphia, endleleni ebuyayo, nengqungquthela yeFull Gospel Business Men's International. Bese-ke siyahamba, sisuka lapho, siye eThekwini, eNingizimu Afrika, futhi siqhubeke, ukuqala ngoSeptemba zimbili kuze kube ziyisithupha. Futhi siqhubeke sikhuphukele eGoli, futhi siqhubekele eKenya naseNairobi, futhi sedlule lapho.

14 Futhi ngakho ngempela, njengoba ngimemezela lokhu, sinxusa imikhuleko, ngokuba lapho ngithola ubuqotho obukhulu nomuzwa wabantu ababuthene, lawo maKristu. Lawo amandla ami okuqina, akubuKristu, nabantu bengikhulekela. Futhi ngempela ngi—ngiyayinxusa imikhuleko yenu. Futhi ngenzeleni lokho, uma nithanda.

15 Manje, kulobubusuku, asifuni ukuthatha isikhathi esiningi kakhulu, ngoba yi—yi—yiSonto ebusuku, futhi nifanele nisebenze ngoMsombuluko. Kodwa ngithanda nje ukukhuluma ngeNkosi, futhi ngizozama ukukwenza kusheshe nje ngangokunokwenzeka. Futhi ngikholwa ukuthi indodana yami ithe ikhiphe amakhadi omkhuleko ukuba kukhulekelwe abagulayo, uma iNkosi ihola kanjalo, ukukhulekela abantu abagulayo.

16 Manje, ekukhulekeleni abagulayo, si. . . Yilokho kuphela esingakwenza, ukukhulekela abagulayo nje. Uma kukhona ukuphiliswa, kufanele kuvele kuNkulunkulu. Futhi manje, ukucabanga ngalezozinto ngenkathi sisakhuluma, wonke amandla owadingayo ukuze uphulukiswe asevele alapha, ngenkathi uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu ethenga lezizinto eKalvari. Futhi avulekele noma ngubani othandayo, angaba nokuphulukiswa ngokukaNkulunkulu. Okuwukuphela kwento edingekayo ukuze ukusebenzise ukukholwa kwakho.

17 Cabanga nje, ugesi usezintanjeni, kodwa ufaneke ucindezele inkinobho. Niyabo? Ufanele ucindezele inkinobho. Futhi ngokukholwa ucindezela inkinobho, ukholwa ukuthi izosebenza. Manje, uma zonke izintambo zixhunywe ngendlela efanele, namandla kagesi esentanjeni, khona-ke lapho ucindezela leyo nkinobho kukhona okuzokwenzeka. Awu, yindlela efanayo leyo ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ngensindiso, noma zonke izingxenye ezingahlukaniseki uKristu azifelayo, ukuba asinike. Konke kwapheleliswa eKalvari. Futhi into kuphela okufanele siyenze ngukuthi, ngokukholwa, cindezela inkinobho. Bese-ke kuyahamba, nakho uyakhanya, niyabo. Kulula nje. Futhi lapho . . .

18 Thina esikhulekela abagulayo, izikhathi eziningi bagadla kithi ngegama lomphulukisi ngokukaNkulunkulu. Kodwa kukhona okwangempela . . .

19 [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham mayelana nesistimu yomsindo—Umhl.] (Kulungile, mnumzane. Ngiyabonga.)

20 Eqinisweni, ayikho into efana njengo—umphulukisi ngokukaNkulunkulu, ngokuba uKristu unguye lowoMphulukisi. Niyabo? Futhi ayikho into okuthiwa umsindisi ngokukaNkulunkulu, phakathi kwabantu. UKristu unguMsindisi. Futhi cabangani nje, ukuthi wonke umuntu osindisiwe, noma oyoke asindiswe, wasindiswa eKalvari. Yilapho-ke, "Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, futhi ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina." Khona lapho, saphiliswa.

21 Manje, into kuphela ingukuthi, ukushumayela iZwi. UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, wathuma abafundi baKhe ukuba baye ezweni lonke futhi bashumayele iVangeli kusukela lapho, bethi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

22 Futhi njalo sithola izigaba ezintathu zabantu phakathi kwebandla, lokho ngukuthi: amakholwa angempela, abazenzisi, nabangakholwa. Ngakho thina . . . Bonke baxutshwe phakathi lapho. Babenabo osukwini lwaKhe. Sinabo manje.

23 Kodwa ikholwa langempela alizami ukuthola inkulumo ethile enkulu enobuhlakani, noma umuntu othize ogqoke kahle, noma inkosi ethize ekanye naye emsamo. Kodwa ngokukholwa okulula . . . UKristu ulula kakhulu, ngangokuthi, abahlakaniphileyo bawela ngaphezu kwakho. Abakaze bakuthole. Futhi, nokho, kulula njenge—njengesandla sakho sokunene. Niyazi, uJesu wambonga uBaba ngalokho ngesinye isikhathi, ukuthi, "Wayezifihlile lezizinto kwabahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi wazembulela izingane zona ezizofunda." Niyabo?

24 Futhi namhlanje, lapho amabandla ethu eba yimibukiso eminingi kakhulu yaseHollywood, esikhundleni seVangeli elivamile nje elisobala, niyabo, sekuphenduke umbukiso wezingubo, ne—nengubo yobuhlakani, kuze kube sengathi kuyabadida abantu. Kodwa ngi—ngikuthanda nje ngendlela iBhayibheli elinakho ngayo lapha, ubulula nje, ukukholwa ukuthi umsebenzi waqedwa yilowo oMkhulu, uJesu Kristu, futhi Yena esimthandayo futhi simdumisa.

25 Manje asikhulume ngaYe, kodwa kuqala ake sifunde elinye leZwi laKhe. Ngiyathanda ukufunda iZwi laKhe, ngokuba iBhayibheli lasho, ukuthi, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu." Manje, thina, bangaki abakholwa yiZwi likaNkulunkulu na? Asibone. O, lokho kulungile. Uma silikholwa leloZwi, yilokho kuphela esifanele sikwenze, uma siLikholwa. Manje, leyo yinto esemqoka, uma siLikholwa.

26 Futhi manje qaphelani, njengoba izinsuku zihamba, ngifanele ngiguqule. Ngifanele ngithi, "Awu, ngonyaka odlule

nge—nge—ngenze into ethile, kodwa angiyenzanga kahle. Ngifunda okwengeziwe ngayo." Uyakwenza. Sonke siyakwenza; isayensi iyakwenza. Isayensi izoveza okuthile, ithi, "*Lokhu* kunjalo ngokwesayensi." Futhi phakathi nonyaka, akunjalo ngokwesayensi. Kodwa inkathazo yakho iwukuthi, ngabo, ngeke bakuvume. Sifanele sikuvume, futhi sisho ukuthi sinephutha. Niyabo?

27 Kodwa, kunento eyodwa ngoNkulunkulu, Akalenzi iphutha. Futhi isinqumo saKhe sokuqala yisinqumo saKhe kuphela, ngoba Akanasiphelo. Futhi ukuba ngongenasiphelo, lezo yizikhathi eziphelele, kwengezwa ngokuphelela. Futhi, zaphelela, kungokungenasiphelo. Wayazi zonke izinto kusukela ekuqaleni. Akadingeki neze ukuthi ahoxise izwi. Akakaze neze adingeke ukuba athuthuke, ngoba isinqumo saKhe sokuqala ukuphela kwesinqumo esingake senziwe. Akafundi okwengeziwe, ahlakaniphe ngokwedlulele, njengoba sithi siyakwenza. Kodwa Wayephelele, kwasekuqaleni.

28 Ngakho, ngakho-ke, uma noma yini esiyifunda eBhayibhelini, okungukuthi, sikholwa ngokuqinile ukuthi iyiZwi likaNkulunkulu. Futhi lapho sifunda Lokho, singaphumuza umphefumulo wethu ngqo kuLokho. UNkulunkulu akasoze aLiguqula. Uma Eshintsha, khona-ke U—Ufana nje nami, niyabo, Unomkhawulo, futhi Ugcwele amaphutha. Kodwa Akanamkhawulo. Ungongenasiphelo, futhi Angeke enze iphutha.

29 Ngakho-ke, lapho umuntu wokuqala eza kuYe, nenkathazo eninayo kulobubusuku, uma kungokwensindiso, icebo uNkulunkulu alendlala, ukusindisa lowomuntu ngalo, liyicebo elifanayo Akusindisa ngalo. Futhi Wayenecebo elilodwa, futhi lokho kwakungegazi elichithiwe. Futhi indoda iza kuYe ngokugula, phezu kwesisekelo Aphulukisa ngaso leyondoda, Ufanele agcine leyonto efanayo kuze kube phakade. Uma enza esikhonzini, ngenye indlela ngesinye isikhathi, nangenye indlela ngesinye isikhathi, khona-ke ubungeke wazi ukuthi ungasondela kanjani kuYe. Kodwa, niyabo, Ufanele enze ngokufanayo ncamashi isikhathi ngasinye, ngakho-ke sinethemba kuYe. Niyabo?

30 Futhi uma noma yini ingenzeki, esiyicelile, sifanele sihlole emuva futhi sibone ukuthi intambo iboshelwe kuphi. Niyabo? Kukhona okungalungile, ndawondawo. Mhlawumbe amandla amakhulu kuqhumise i-fuzi, niyabo. Kodwa si—sifanele silungise into. Futhi-ke uma zonke . . . uma okwethu . . . uma thina . . . Uma imimoya yethu ingasilahli. Niyabo? Uma singalahlwa, khona-ke sinomusa kuNkulunkulu, siyazi ukuthi sizokuthola esikucelayo. Sinesicelo sethu ngoba asilahliwe.

31 Kodwa lapho silahlwa ngokungakholwa, isono sanoma yiluphi uhlobo . . . Nesono ngukungakholwa. Zimbili kuphela

izinhlobo, izinto ezimbili wonke umuntu emhlabeni aphila ngazo, lokho ngukuthi, kuphakathi kokuthi ukukholwa noma ukungakholwa. Akukho maphakathi ngaphakathi. Akukho ndoda edakiwe ingadakiwe kulobubusuku. Azikho izinyoni ezimhlophe zimnyama kulobubusuku. Futhi abekho abangcwele abayizoni. Kuphakathi kokuthi uzalwe ngokusha noma awuzalwanga ngokusha. Kuphakathi kokuthi siyakholwa noma asikholwa.

32 Ngakho-ke, ngiyakholwa, ukuthi, ngenkathi uJesu ehlulela umhlaba . . . Okungukuthi, uNkulunkulu uzokwahlulela umhlaba ngoJesu Kristu. Ngikholwa ukuthi sizokwahlulelwa ngaleliBhayibheli. Manje, uNkulunkulu angeke abe ngonobulungiswa, njengoba sikholwa, futhi abe ngozibusayo njengoba Enjalo, futhi angabi nomgomo othile esahlulelwa ngawo.

33 Awu, uma bethi sizokwenza . . . "Uzokwahlulela izwe ngebandla." Manje, lona liphi ibandla na? Niyabo? IKatolika lithi, "Siyilo." Awu, yiliphi iKatolika na? Awu, umRoma uthi, "Siyilo." AmaGreki athi, "Qhabo, qhabo. Siyilo." Niyabo? Futhi amaMethodisti athi, "Siyilo." AmaBaptisti athi, "Siyilo." Futhi iPentecostal ithi, "Siyilo." Futhi omunye uthi, "Siyilo." Niyabo? Kodwa ngi . . . Lokho kungadida kakhulu. Abantu bebengeke bazi ukuthi bakholwe yini.

34 Kodwa, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu," onguye izolo, namuhla, naphakade. Yi*lokhu* ukwahlulelwa kwethu okuvela kukho, iBhayibheli, ngakho asikholwe ngesizotha lonke iZwi.

35 Futhi ngishilo, leso sangempela, isehlakalo sokuzalwa ngokusha siyogcizelela sonke isithembiso sikaNkulunkulu ngo "amen." Ngeke bazame ukuthi, "Awu, kwakungolunye usuku," noma, "Lokho akukhona kwethu. UMoya oNgcwele wawungowabantu emuva ngolunye usuku." Qhabo, qhabo.

36 UPetru wathi, ngoSuku lwePhentekoste, "Isithembiso ngesenu, esabantwana benu, kulabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

37 UJesu wayala ibandla laKhe, wathi, "Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa. Ongakholwayo uyakulahlwa, futhi," isihlangano, "lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: ngeGama laMi bayakukhipha amademoni; bakhulume ngezilimi ezintsha; baphathe izinyoka, noma baphuze okubulalayo, bekungeke kubalimaze; babeke izandla phezu kwabagulayo, futhi bayakusinda." Manje, lokho—lokho kuphakathi kokuthi kulungile noma akulungile. Kimi, ngilula. Ngi—ngikholwa nje ukuthi kulungile, futhi yilokho kuphela okumele ngihambe ngakho. Labo abazama ukukuchaza

bakususe, a—angikuboni nje lokho. Ngikholwa ukuthi yiZwi likaNkulunkulu, futhi liyiQiniso.

38 Manje, ngingahle ngingabi nokukholwa okwanele kokwenza konke lokho kusebenze, kodwa ngokuqinisekile ngeke ngifune ukuma endleleni yomuntu othize onokukholwa okwanele. Ngingahle ngingabi nakho ukukholwa okwanele ukuze ngifane no-Enoke, owathatha uhambo lwantambama noNkulunkulu, futhi akadingekanga ukuba afe, wavele wahamba wenyukela eKhaya. Kodwa ngingathanda ngempela ukubona umuntu ekwenza manje, niyazi. Mina—mina impela bengingeke ngifune ukuma endleleni yakhe, ngikwenze. Ngikhulekela lolohlobo lokukholwa, ngoba lolo wuhlobo lokukholwa esizofanele sibe nalo. "Thina esiphilayo futhi esisele ekuFikeni kweNkosi siyoguqulwa masinyane, ngokuphazima kweso, futhi sahlwithwa kanye nabafileyo abavusiwe, ukuhlangana neNkosi emoyeni, futhi sibe naYo inguna phakade." Lokho yisifiso senhliziyo yethu.

39 Manje, asiphenye manje kuMathewu, isahluko se 8, futhi siqale ngevesi lama 23, ukufunda i—ingxenye encane yomBhalo lapha, ukuze sithole ingqikithi, noma indikimba, njalo, ngokwengqikithi ye—imiBhalo embalwa engiyibhalile phansi lapha, engifuna ukubhekisela kuyo, nokuphawula okuthile, amanothi. UMathewu 8:23, ukuba siqale, futhi sifunde ivesi lama 27, nalo.

> *Wayesengena emkhunjini, abafundi bakhe bamlandela.*

40 Ngiyakuthanda lokho. BaMlandela nomaphi lapho aya khona.

> *Futhi, bheka, kwavuka isiphepho esikhulu olwandle, umkhumbi waze wagujuzelwa ngamaza: kepha yena wayelele.*
>
> *Futhi abafundi bakhe beza kuye ba*mvusa*, bathi, Nkosi, sisindise: safa.*
>
> *Futhi wathi kubo, nesabelani, O nina bokukholwa okuncane na? Khona Wavuka, futhi wakhuza imimoya nolwandle; kwabakhona ukuthula okukhulu.*
>
> *Kepha abantu bamangala, bathi, Umuntu onjani lo, ukuthi nemimoya nolwandle kuyamlalela!*

41 Manje, iNkosi ithanda, ngifuna ukuthatha ivesi elincane nje elifushane lapho; kuzwakala kuthi akube ngokungavamile, amagama amathathu: *Hamba, Uvuse UJesu,* noma, "Ukubizela uJesu enkundleni."

42 Manje, lokhu kwakusesikhathini esikhulu kakhulu somhlangano weNkosi yethu, noma inkonzo yaYo yasemhlabeni. Futhi ngikholwa ukuthi inkonzo yaYo yasemhlabeni ayikaze iphele, ngoba Isebantwini baYo manje. UNkulunkulu

wayekuKristu; uKristu kubantu. Futhi Wenza imisebenzi yaKhe efanayo manje Ayeyenza ngaleyonkathi. Ngakho Wakhathala, futhi wayekhandlwe usuku, esahlukweni esandulele, ngokuka—kukaMarku 4:35. Sithola lapho ukuthi Wayephulukise umkhwekazi kaPetru emkhuhlaneni, futhi kwakube nezimangaliso eziningi ezinkulu Ayezenzile.

43 Futhi siyathola lapha ukuthi Wayefundisa ngemifanekiso, njalo ehambahamba enza umyalo kaBaba. Futhi kungaba kuhle uma sonke siMthathile njengesibonelo sethu: njalo esemsebenzini kaBaba.

44 Futhi Ufanele ukuthi wayekhathele futhi ekhandlekile, endleleni yaKhe. Futhi ngiyaMbona, Wayenesidingo sokuwela eGalile. Futhi lapho Eqala ukuwela, ekhathele futhi ekhandlekile, amandla ayesephumile kuYe, kuzo zonke lezizinto Ayezenzile, eshumayela, ekhulekela abagulayo.

45 Futhi Wayazi, ngoba WayenguNkulunkulu, futhi Wayazi ukuthi kwakunomsebenzi omkhulu ngaphambili. Wayazi ukuthi kwakukhona uhlanya ngaleya eGadara, okwase kuyiminyaka luyindoda yasendle, umfo omncane, njengoba sitshelwa, owayelahlekelwe ukucabanga kwakhe—kwakhe kobuntu, futhi wayehlala ngaphandle emathuneni nomoya omubi. Futhi iyindawo enje pho ukuba umuntu ahlale kuyo, emathuneni, kodwa kufaneleka kakhulu ukuba udeveli abe phakathi kwezinto ezifile. Ngakho wayehlala phandle lapho, futhi wayehlushwa kabi kakhulu ngalamademoni, aze wona—wona (yena—yena) wagqabula amaketanga, futhi amandla akhe ayengamandla amakhulu.

46 Futhi wake wayibona indoda eyayishaywe umoya omubi kanjalo na? Unamandla aphindeke kaningana. Ngibaqaphele kanjani emihlanganweni, lapho amaqembu amaphoyisa engakwazi ngisho nokubabamba. Babewadabula amaphoyisa abe yizicucu, futhi bawaphonsele eceleni, bese—bese bephuma phakathi e . . . futhi baqhubeke.

47 Uyindlela . . . Ngokuba uzinikele ngokuphelele komubi, kwathatha indawo kuye, futhi wayengenakho okwakhe ukuqonda. Wenza lokho kuphela umoya omubi owawukufake kuye ukuba akwenze.

48 Ngase ngicabanga, ngokuzinikela okupheleleyo kudeveli, anganika umuntu amandla akhe mhlawumbe aphindwe kahlanu, ukuzinikela okuphelele kuNkulunkulu bekungenzani kumuntu na? Yini obekungayenza kumuntu okhubazekile obuthakathaka emzimbeni, futhi ongakwazi ukuhamba, noma okuthize na? Uma nje besingazinikela ngokuphelele kuMoya oNgcwele, usiphe amandla amakhulu, ukuba sivuke eGameni, ngoba, "Mkhulu lowo okini kunalowo osezweni." Niyabo? Wena . . . A—amandla okuqina kuNkulunkulu, okuwe, makhulu kunanoma yikuphi ukuhlupheka okungakwehlela. Akukho

okungakudlula, okungaba sesikhundleni sakho, ngoba ugcwele amandla amakhulu. Futhi lawomandla amakhulu nguMoya oNgcwele obusa impilo yakho, uma ungumKristu.

49 Nalomsebenzi omkhulu wawulele phakathi kwaKhe nosuku olulandelayo, futhi Wayekwazi lokhu. Futhi ngakho ngenkathi umkhumbi usuwele ulwandle, Wathatha ithuba lokuphumula kancane. Manje, umfowethu, umelusi lapha, nabanye abefundisi, uyazi ukuthi kusho ukuthini phakathi komhlangano wasekuseni nomhlangano wantambama. Izikhathi eziningi, ikakhulukazi lapho uthola amamayela amahhandlahhandla njengoba nginawo, ungathanda ukucambalala futhi uphumule imizuzu embalwa, uyazi, ukhathele nje.

50 Futhi khumbula, uJesu wayengumuntu; umuntu kakhulu, Wayengafa; umuntu kakhulu, Wayengakhala; umuntu kakhulu, Wayengalamba. Waye, ngomunye umqondo, umuntu, ngoba WayeyiNdodana kaNkulunkulu edalayo. UNkulunkulu wayehlala kuYe. Manje, kodwa Wayengumuntu. Futhi Wayengumuntu noNkulunkulu, ndawonye. UNkulunkulu wadala iNgqamuzana legazi esibelethweni sentombi uMariya.

51 Okungukuthi, siyazi ukuthi igazi liyafika, umbala obomvu ezinhlayiyeni zegazi, kuphuma ebulilini bowesilisa. Isikhukhukazi singazalela iqanda, inyoni; kepha uma ingabanga nesilisa, aliyikuchanyuselwa. Alivundile. Ngakho liphuma esiliseni.

52 Futhi kuloludaba, owesilisa kwakunguNkulunkulu, uMoya, uJehova, uBaba. Futhi Wasibekela intombi futhi wadala leliNgqamuzana legazi elaveza uMuntu, uKristu Jesu, okwakuyiNdodana kaNkulunkulu. Manje, Wayengesuye umJuda noma oweZizwe. WayenguNkulunkulu. Isizathu, niyabo, Wayengelona igazi lamaJuda, kanjalo Wayengelona igazi loweZizwe. WayeyiGazi likaNkulunkulu, iGazi elidalayo ukuze lisihlenge. Ngakho akukho mJuda noma oweZizwe ongasho ukuthi Ungowethu noma lokho. Wayengowe . . . Wafela uhlanga luka-Adamu oluwile, ngezinhlangothi zombili, ngabo bonke abantu, yonke indawo, ababeyoMkholwa.

53 Manje, ethatha lokhu kuphumula okuncane, abafundi baKhe babuyela emikhunjini yabo. Futhi ngingacabanga ukuthi babengamatilosi impela ngoba babeyozalelwa lapho olwandle, futhi bakhulela lapho, futhi bazi yonke i—iminininingwane yolwandle nalawa manzi akhahlamezayo nalapho kwakukhona imisinga, nalapho izinhlanzi zazikhona, namahora nezikhathi. Ngakho bathatha izigwedlo zabo baMlandela. Wayewelela eGadara. Wayesanda kuqeda imvuselelo kulolu olunye uhlangothi, njengoba Wayezowela ulwandle.

54 Manje, ekhathele, Ubuyela emuva ngemuva komkhumbi, futhi—futhi omunye wababhali wathi Walala phansi emqamelweni: kumele ukuba wayekhathele. Futhi cabanga nje

imizuzwana embalwa, nokuthi Wasebenza kanjani ukusisindisa. Zonke lezi zinto zazisiza thina. Futhi Ubuyela emuva, ukuze acambalale. Manje, abafundi . . .

55 Imvuselelo isiphelile. Imvuselelo yalolosuku isiphelile, futhi manje sebebuyele emsebenzini wabo wokugwedla nokuhamba ngomkhumbi. Futhi kumelwe ukuba babejabula ngemisebenzi ababeMbonile eyenza. Imisebenzi Ayeyenzile, kufanele ukuthi babexoxa ngezenzo zaKhe, ngoba Wayesebuyele esikebheni, elele.

56 Futhi ngicabanga ukuthi, inqwaba kakhulu, isebenza kulesi sikhathi esiphila kuso, niyabo, imvuselelo esisanda kudlula kuyo, lemvuselelo yephentekoste, imvuselelo enkulu yokuphulukisa eyanyakazisa umhlaba wonke jikelele. Cabanga nje, imililo yemvuselelo ivutha kuwo wonke amagquma ezweni, yonke indawo emhlabeni jikelele. Ngihamba ngayo, njalo njalo. Ngilungiselela ukwenza olunye uhambo lomhlaba. Futhi kuwo wonke amazwe, nakuzo zonke izizwe, imililo yemvuselelo yephentekoste iyavutha. AmaPresbyterian ayakwemukela, amaBaptisti, iLuthela, amaMethodisti. Impela iwashi lokugcina lapho uNkulunkulu ebiza abantu baKhe. Futhi lemililo emikhulu yemvuselelo iyavutha.

57 Nalababafundi, njengoba sinjalo namhlanje, imvuselelo yayisiphelile. Futhi babebuthene phezulu ngaphambi komkhumbi, mhlawumbe, noma ezigwedlweni zabo, futhi babekhuluma ngalokho Ayekwenzile, imisebenzi yaKhe, eyaMveza obala kubo, ukuba yilokho Ayezisho ukuthi uyikho.

58 Manje, niyazi, umuntu angazisho eyiyo yonke into. Kodwa lokho akulona uphawu lokuthi bayilokho abazisho ukuthi bayikho. Niyabo? Si—sithola lokho kuyo yonke imikhakha yempilo. Sithola abathengisi abazisho ukuthi bangabathengisi, kanti abasibo. Sithola abasebenza ngogesi abazisho ukuthi bangabasebenza ngogesi, kanti abasibo. Sithola omakhenikha abazisho ukuthi bangomakhenika, kanti abasibo. Futhi sithola amadoda azisho ukuthi angamaKristu, futhi abasiwo.

59 UJesu wakusho ngokucacile lokho umKristu ayeyikho. Niyabo? "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo," niyabo, ababeyokwenza, lokho iBandla elikholwayo elalizokwenza. Futhi Yena enguNkulunkulu, futhi engenasiphelo, Wa—Wa—Wathi, "Kuyodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze lehluleka." Ngakho, kufanele kuhlale kungaleyondlela. Wakusho. Ngiyakukholwa.

60 Manje, abafundi bekhulumisana omunye komunye, lokho imisebenzi yaKhe, eyayenziwe, nokuthi abantu babeyemukele kanjani. Lokho kwakungahle kube yingxoxo yabo, ngaYe enguMesiya. Futhi kwakungekho ukungabaza emiqondweni yabanye abantu. Isibonelo, bangase bathi, "Manje, uMose wathi iNkosi uNkulunkulu wethu iyovusa umprofethi onjengaye.

Noma ubani ongayikulalela lo mprofethi uyonqunywa phakathi kwabantu. Manje, siyazi ukuthi uMesiya wayezoba nguNkulunkulu-mProfethi. Wayezoba nguMuntu ozoba u—umProfethi omkhulu. Uzoba nguNkulunkulu wabaprofethi, kodwa, nokho, esenzweni, Wayezoba ngumProfethi, ngoba iZwi likaNkulunkulu liza kumprofethi kuphela. 'IZwi likaNkulunkulu liza kumprofethi.'" Manje, bese-ke kuba Yena . . . Lelo kwakuyiZwi nje elafika kubaprofethi, kodwa WayeyiZwi. Niyabo? Yilowo umehluko. Ngakho Wayefanele abe ngumProfethi.

61 Futhi ngokungangabazeki ukuthi babexoxile mayelana ngenkathi, uSimoni, ngenkathi eMbona okokuqala, futhi Wamtshela ukuthi wayengubani, ukuthi lalingubani igama likayise. Futhi, ngani, wayazi ukuthi leyoNdoda yayingamazi, ngakho wayazi ukuthi lowo ufanele ukuba ngumprofethi. Kwase kuthi-ke ngenkathi uFiliphu ekubona lokhu, wayesehamba futhi watshela uNathanayeli, noNathanayeli wabuya ukuzobona, nokuthi kwakwenzekani. UJesu wakhuluma kuye, wathi, "Bheka umIsrayeli," laphaya ezethamelini, niyazi, emi noFiliphu, wathi, "okungekho nkohliso kuye."

62 Wathi, "Rabi, Wangazi nini na?" Ngamanye amazwi, kwakungokokuqala beMbona.

63 Wathi, "Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona." O, he!

64 Wathi, "Rabi, wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli." Manje, lokho kwaMenza uMesiya.

65 Kwase kuthi-ke, kusobala, kwakukhona amanye omthetho amakhulu emi eduze, ayengakukholwa lokhu. Futhi kwakufanele baphendule ebandleni labo. Bathi, "Le ndoda inguBelzabule. Inomoya kaBelzabule." Futhi uBelzabule wayengudeveli, ongumbhuli, noma umthakathi. "Futhi Ukwenza kanjalo lokho. Kungukufunda ingqondo, ukuthi ufunda izingqondo zabo ngokuthakatha noma into ethile ngalolohlelo, futhi lokhu kumenza udeveli."

66 UJesu wayeshilo kubo ukuthi lonke uhlobo lokuhlambalaza luyakuthethelelwa yindodana yomuntu, ngaphandle kokuhlambalaza uMoya oNgcwele. Niyabo? Futhi uMoya oNgcwele wawungakanikezwa. Ngakho lapho uMoya oNgcwele efika, futhi ezokwenza emva kokuba ukuBuyisana sekwenziwe, futhi enze umsebenzi uJesu awenza, kuyoba yisono esingenakuthethelelwa ukubiza lokho ngomoya omubi. Cabanga ngalokho. Niyabo? Ngemva . . .

67 UJesu, Wayelapho ukubonakalisa iZwi. Umuntu wayesesesonweni, enomnikelo wesilwane nje. Futhi ukuphila kwesilwane kwakungeke kufike phezu kwekholwa, ngoba kwakuyisilwane, futhi lokhu kwakungu—umuntu. Futhi

isilwane asinawo umphefumulo; umuntu unawo. Futhi nakhu kwakukhona iNkosi yemiphefumulo, uNkulunkulu qobo lwaKhe, ebonakaliswa ebuntwini beNdodana yaKhe, uJesu Kristu. Futhi ngenkathi Efa, uMoya kaNkulunkulu ubuyela phezu kwekholwa. Bese kuthi-ke umuntu onethuba lokwemukela Lona, base-ke ebiza ukusebenza kwalowoMoya, "udeveli," akuxoleleki. Akusoze kwathethelelwa.

68 Manje, umama wami omdala waseningizimu, ngenkathi ngisengumfanyana nje, ngaphambi kokuba ngiguqulwe, wayengowesifazane olungileyo ngaleyonkathi.

69 Ngaba nenhlanhla yokuholela umama wami kuKristu, futhi ngimbhaphathize, futhi ngimbone efa, bamba izandla zakhe esafa, futhi ekhuluma ngoJesu waze wangabe esakwazi nokukhuluma, malibongwe iGama laKhe. Ngathi, "Mama, uma usaMthanda, cwayizisa amehlo akho," futhi wamane wacwayizisa amehlo akhe, nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe, ngenkathi eyohlangana noNkulunkulu.

70 Futhi wayevame ukuthi kimi, ngaphambi kokuba azi kangcono, "Billy, ngenkathi u—ukuhlambalaza uMoya oNgcwele kuyisono esingenakuthethelelwa," wathi, "lokho kusho ukuthi umuntu ongazibulala, angeke axolelwe ngakho." Lowo kwakungumbono wakhe ngakho. Kodwa kamuva siyaqonda ukuthi *ukuhlambalaza* kuwuku "bhuqa, noma ukuhlekisa ngakho, ukhulume ngakho kanye nokuhlekisa ngoMoya oNgcwele."

71 NoJesu lapha wabatshela, wathi, "Ungazisho lezozinto futhi ungibize ngoBelzabule, lokho, Ngizokuthethelela ngalokho. Kodwa lapho uMoya oNgcwele efika emva kokuba seNgihambile, khona-ke akunakuthethelelwa, uku—ukuhlambalaza lokho. Futhi lapho Efika . . ." Yena, okungewona umcabango, manje, nguMuntu. *U*yisabizwana somuntu. *U*nguMuntu. "Futhi lapho Efika, Akayikuthethelela iziphambeko zenu ngalokho. Niyabo? Uyokwenza ngokuphelele imisebenzi eNgiyenzayo. Uzoqhubeka nenkonzo yaMi. Futhi Uzonifundisa lezizinto enginifundise zona, futhi uzonikhombisa izinto ezizayo." Niyabo?

72 "Ngokuba iZwi likaNkulunkulu," amaHeberu 4, "libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba lahlukanise ngisho umnkantsha wethambo, noMahluleli wemicabango esenhliziyweni." UMoya oNgcwele uyahlukanisa, niyabo, ngoba UyiZwi. Yena uyiZwi. "Futhi iZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, uMhluleli wemicabango nezizindlo zenhliziyo." O, babefanele bakwazi lokho.

73 Khona-ke, zonke lezizinto ababezixoxile, nokuthi owesifazane emthonjeni wakhuphuka kanjani, nezinye izinto eziningi, uBartimewu oyimpumputhe, nezinto ababeMbonile ezenza. Futhi-ke kufanele ukuthi babexoxa ngalokho. Futhi

bathengiselwa ukuthi lowo kwakunguMesiya, akekho omunye owayengathatha indawo yaKhe.

74 Ngoba kungani na? Babengakaze babe nomprofethi emhlabeni amakhulu ngamakhulu eminyaka. Futhi khona manjalo, nakho kuvuka umprofethi ogama lakhe linguJohane, engazicabangeli yena, kodwa ephumisela lokhu, ememezela lokhu, njalo, ukuthi, "UMesiya uphakathi kwenu khona manje. Niyabo? Nakho kumi Oyedwa phakathi kwenu." O, he! Wayezimisele ukuthi bayokwazi ukuthi ihora lase liseduze.

75 UJohane umBhaphathizi wayeyindoda enkulu. Niyakwazi ukuzalwa kwakhe, nokuthi wawamukela kanjani uMoya oNgcwele ngaphambi kokuba azalwe, esizalweni sikanina.

76 Kwathi, uMariya efika, eyintombi nto, futhi wamtshela ukuthi wayezoba nengane, wase etshela u-Elizabethe ngokuba nengane, nokuthi uMoya oNgcwele wawubonakale kuye, iNgelosi yeNkosi, njalo, futhi yayimtshelile ukuthi wayezoba ngumama futhi. Futhi wathi, "Ngizoba neNdodana, futhi ngizobiza iGama laYo ngokuthi uJesu." Futhi lapho ethe, "Jesu," okokuqala ukuthi leloGama lake lakhulunywa ezindebeni zomuntu. Ingane encane esizalweni sikanina, ifile, wayekhathazekile ngayo. Ayikho impilo, izinyanga eziyisithupha, lokho akujwayelekile ngokuphelele. Kodwa kwathi nje lapho leloGama "Jesu" lakhulunywa okokuqala ngodebe lomuntu, lowo omncane, uJohane ofile esizalweni sikanina waphila futhi wagxuma ngenjabulo, iBhayibheli lisho njalo.

77 Uma kuzokwenza lokho enganeni efile, bekufanele kwenzeni eBandleni elizelwe ngokusha eligcwaliswe ngoMoya oNgcwele na? Phulukisa abagulayo, sindise abalahlekile! Niyabo? "Ngoba kuthe kungangena ukubingelela kwakho ezindlebeni zami, ingane yami yagxuma ngokujabula esizalweni," niyabona. Futhi wayegcwele uMoya oNgcwele kusukela esizalweni sikanina. Futhi lendoda egcwaliswe ngoMoya oNgcwele . . .

78 Nokho, uyise wayengumpristi. Ngokujwayelekile, kwakuyisiko ngalezo zinsuku ukuba umntwana alandele isiko likayise, noma umsebenzi kababa. Futhi manje sithola ukuthi uJohane, umsebenzi wakhe, wawubalulekile kakhulu kangangokuthi wayengakwazi ukuya esikoleni sabapristi uyise ayefunda kuso, ngoba babezothi, "Manje, niyazi, uMfowethu *S'bani-bani* lapha uboshiwe . . . Uzomemezela uMesiya. *Lona* nguYe. Ngani, niyazi ukuthi nguYe *lo*, ngoba, bukani, ungumuntu okahle kakhulu."

79 Bekungaba ukukhetha okufanayo okwenziwa ngabafundi ukuthi ngubani owayezothatha indawo kaJuda. Niyabo? Kwehlela kuMathiya. Bakhetha uMathiya, ngonkatho, kodwa uNkulunkulu wakhetha uPawulu. Niyabo? Kwakuhlukile.

80 Qaphelani. Futhi sithola ukuthi umsebenzi wakhe wawubaluleke kakhulu, waze wangena ehlane, wahlala khona waze waba neminyaka engamashumi amathathu. Futhi lapho ephuma, eshumayela, wayazi ukuthi lo Jesu wayeyoba hlobo luni loMuntu. Ngokuba, yena—yena wema lapho, futhi wayeqiniseke kakhulu ukuthi Kwakuzofika osukwini lwakhe, waze wathi: "Kukhona Omi phakathi kwenu, Ozicathulo zaKhe engingafanele ukuzithwala. Uzonibhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo."

81 Futhi ngolunye usuku, emi lapho, wabuka, futhi wabona isibonakaliso sivela ezulwini. Futhi waMazi, ngesibonakaliso. Futhi uJohane wafakaza, wafakaza kanje, "Ngafakaza ukuthi ngabona uMoya kaNkulunkulu, njengejuba ehla ezulwini, nePhimbo lithi, 'Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo Engithokozile ngaYo.'" Wamemezela uMesiya ngoba wabona isibonakaliso sikaMesiya.

82 Manje, laba bafundi kufanele ukuthi babexoxa ngalokhu, emva kokuba lemvuselelo isiphelile, niyabo, lokho kwalolosuku, isimo sengqondo sabanye abantu. Abanye bayakholwa. Abanye abakholwa.

83 Yilokho okufanayo esikuthola namuhla. Kunabantu abakholwayo. Abanye abakholwa. Sinakho ku—kuyo yonke imibuthano: abanye abakholwayo; abanye abakholwa, nhlobo.

84 Futhi abanye bathi, ngalolo suku, "Akukaze kukhulume umuntu njengaloMuntu. Akakhulumi njengomfundisi noma umshumayeli. Okushiwo yilowo Muntu kwenzeka khona lapho. Niyabo? Ubonakalisa esishumayela ngakho. Niyabo? Yena, akukho-muntu owakhuluma kanje." Kulungile.

85 Futhi kwakukhona abanye abangakholwa, wathi, "Lo muntu unguBelzabule. Angakwenza kuphela lokhu ngomoya kadeveli." Futhi uJesu wayebakhuzile.

86 Khona-ke kufanele ukuthi washo, uJohane, umfo omncane, wayengahle athi, "Kucabangeni, bazalwane, sinaYe enathi manje. O, umcabango onje pho! Manje Usemkhunjini kanye nathi."

87 Uma thina, kulobubusuku, umfowethu nodadewethu abaligugu, besingahlala imizuzwana embalwa, ukuqonda, loMesiya esikhulume ngaye, noNkulunkulu wathi uyofika. Futhi wayelapha emhlabeni; wafa, wavuka futhi, wenyukela eZulwini. Futhi uyabuya e—e—i . . . emva kwezinsuku eziyishumi, futhi wabonakala kubo ngePhentekoste, futhi wayala iBandla laKhe. LowoJesu ofanayo unathi namuhla njengoba sihamba ngomkhumbi obalulekile wempilo. Sikhuluma ngaYe. Sicabanga ngaYe. Sifunda ngaYe, lokho Akwenzayo, lokho Ayeyikho, ukuthi Wayephila kanjani, hlobo luni lwemisebenzi Ayenza, bese-ke siyakhohlwa ngakho. Niyaqaphela ukuthi Unathi, hhayi

nje nathi kuphela, kodwa kithi na? O, ngikucabanga kanjani lokho!

Yeka ukuthi kwakunomuzwa wokuphepha kangakanani, ukucabanga ngoMdali uqobo lwaKhe, sihamba ngomkhumbi emanzini azamazamayo kanye nabo.

88 O, kuphephe kanjani namuhla, ukwazi ukuthi yena impela uNkulunkulu owenza amazulu nomhlaba, owenza lolu thuli esihlala kulo, olubizwa ngemizimba, uhamba ngomkhumbi wehla nathi olwandle lokuphila, sazi ukuthi ukugula nobuhlungu kusiphatha kabi, nokufa kusigqolozele ebusweni. Kodwa yini okufanele siyesabe na? Yena impela uMdali wothuli uqobo, zona impela izakhi eziyishumi nesithupha ezisakhayo, iphethroliyamu kanye nokukhanya kwekhosimikhi, kuhamba nathi ngomkhumbi kudabule kuzo zonke izivunguvungu nakuzo zonke izilwandle. Iqiniso laKhe alisoze lehluleka. Ukanye nathi, futhi wathi, "Bhekani, Nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe."

89 Manje, behamba ngomkhumbi kulawa manzi azamazamayo, babexoxa ngalokhu, futhi becabanga ukuthi kufanele ngabe kwakungukuphepha okungakanani kubantu ababekanye nabo, abafundi nezinto, lokho okukhathazayo. Bayazi ukuthi kwakukhona imvuselelo enkulu eyayisanda kwenzeka, futhi babezitika ngemiphumela yayo.

90 Manje, ngicabanga ukuthi lokho kufana nathi kakhulu namuhla. Sibe nemvuselelo enkulu, kodwa, sithola ukuthi, iyaphola. Manje, ngokomlando, engingeyena umuntu ofundile, kodwa ngithathe umlando wamabandla, i*Nicene Fathers*, ne*Babylon* kaHislop, kanjalonjalo, futhi uthole ukuthi noma iyiphi imvuselelo ihlala cishe iminyaka emithathu kuphela. Lokho cishe isikhathi eside njengoba kuqhubeka. Kodwa lena beyilokhu iqhubeka cishe iminyaka eyishumi nanhlanu, ngoba ngicabanga ukuthi sekuthi akube ngeyokugcina esizoba nayo. Ngakho siseduze kokuFika kweNkosi.

91 Futhi ngakho manje mhlawumbe njengoba babenjalo, kulowo mkhumbi ngalobobusuku, mhlawumbe siyinto efanayo, ukuthi thina, abafundi baKhe abakholwa kuYe, manje sizitika ngalokho esikubonile kwenziwa. O, izinto engiMbone ezenza! Kungathatha izinyanga nezinyanga, ukuze...Ngingabhala u—umqulu wezincwadi, walokho engiMbone ekwenza, kwezibonakaliso ezinkulu, izimanga, izimangaliso. Okuthi nje...Kungaphezu kwanoma yikuphi ukuqonda komuntu. Kwakufanele kube ngamandla angaphezu kwawemvelo kaNkulunkulu, ukwenza into enjalo.

92 Futhi a—angicabangi ukuthi ngingama lapha phezu kwalelideski, njengomfundisi weVangeli, futhi bengiyo—futhi bengiyosho into ethile eyayingalungile, njengoba ngineminyaka engamashumi amahlanu-nane ubudala futhi izinsuku zami

ziyaphela. Ngifanele ngihlangane naYe. Ngifanele. . . Ngifuna ukufa ngobuqotho. Lezi zinto zilungile, futhi zifanele zibe njalo. Niyabo? Ngoba, hhayi lokho kuphela, kodwa ngizobe ngidukisa abantu.

93 Kodwa ngizothi, kulobubusuku, ukuthi ngiMbonile. Ube nempumelelo eyengeziwe e—emizamweni yami emincane engiyenzile. Manje khumbula. Ube nempumelelo enkulu kunemizamo engiyenzele Yena, ngeVangeli laKhe, kunalokho Enza ezweni laKhe uqobo lapho Avela khona. Bengi—ngingabhala amaBhayibheli, ukwazi ukuthi Wenzeni ngalezizinsuku zokugcina, ngoba Wethembisa lokho.

94 "Lezi zinto eNgizenzayo nani niyakuzenza, nokuningi kunalokhu niyakukwenza." Kuthi "okukhulu," okungukuthi, igama eliyilo lapho. Akekho owayengenza okukhulu ngokwedlulele. Wenze konke obekungenziwa, niyabo, ukuvusa abafileyo, ukumisa imvelo, nakho konke okunye. "Kodwa ngaphezu kwalokhu niyakukwenza." Ngokuba uMoya wabe usuhlala kuMuntu oyedwa, iNdodana kaNkulunkulu, manje amadodana kaNkulunkulu asemhlabeni wonke. "Niyakwenza eminingi kunale, ngokuba Ngiya kuBaba," niyabo, thumela emuva uMoya oNgcwele phezu kweBandla.

95 Futhi ngakho kufanele ukuthi babenjalo ngaleyonkathi njengoba sinjalo manje, bephumula phakathi kwezimvuselelo, belindele ukuFika kweNkosi. Futhi njengoba sihamba ngomkhumbi, sifakaza, sikhuluma ngokuthi, "O, ngiyakhumbula ngenkathi sinomhlangano *lapho*. Ngiyakhumbula ngenkathi lokhu kungaphezulu *lapha*. Lengane efile ilele *lapho*, futhi isinezinsuku ezimbili ifile, futhi bayingenisa emhlanganweni, noMoya oNgcwele wayivusa yaphila futhi. Sibone lo muntu eza *ngapha*, nang*ale*yondlela, eyimpumputhe, esontekile, eyisishosha, ehluphekile, abatshele abakwenzile, nokuthi kwakwenzekeni, ukuthi uMoya oNgcwele wahlangana kanjani nabantu emsamo, wabatshela ababekwenzile. Abakhohlisi bayakhuphuka futhi bacabanga ukuthi kwakungukufunda ingqondo, futhi wakusho khona lapho. Futhi abanye babo bekhubazekile, phambi kwamehlo ethu ngqo, phambi kwezinkulungwane zabantu. Zonke lezizinto ezinkulu zikufakazisa." Futhi manje sithi ukuphumula phakathi kwesikhathi, niyabo, siphumule.

96 Mhlawumbe uJesu wayenza ngaleso sikhathi njengoba Enza ngosuku lokudala. Wadala umhlaba, namazulu nomhlaba, ngezinsuku eziyisithupha. Futhi ngosuku lwesikhombisa, Waphumula.

Wena uthi, "Ingabe kwakunguJesu lowo na?" Yebo.

IBhayibheli lathi, "Wayesezweni, nezwe lenziwa nguYe, nezwe aliMazanga."

97 Ngakho mhlawumbe Wayephumula, esuka kwenye imvuselelo aye kwenye, njengoba nje Wayephumule phakathi kukaGenesise nokuFika kwaKhe, niyabo, ethatha ukuphumula okuncane. Khona-ke, ngenkathi Esazama ukuphumula, nabafundi babe . . . base bekhohliwe ngaYe ekanye nabo, ngakho khona-ke kwavuka inkathazo.

98 Yilowo mzuzu aqala ngawo. Lapho ibandla likhohlwa ngoBukhona bukaJesu Kristu, lapho sikhohlwa futhi siqala ukuqophisana futhi sikhathazeke, futhi siphikisane ngokwehlukana kwamahlelo ethu, nokunye nokunye, yilapho impela inkathazo iqala.

99 Kodwa inqobo nje uma uKristu ekhona, noMoya oNgcwele ubusisa bonke abantu, asinandaba: umbala, isivumokholo, noma ngabe kuyini. Sonke sisechibini elilodwa elikhulu lezibusiso zikaNkulunkulu, sihlanganyela nje phansi kweGazi likaJesu Kristu, futhi asikuqapheli.

100 Kodwa lapho siqala ukuzama ukucabanga, "Niyazi, ihlelo lami lingcono kancane kunelabo, likhulu kancane kunelabo. Sinamalungu amaningi," yilapho inkathazo iqala khona.

101 Ngakho baqala ukuthola lokho, futhi kwavuka izinkathazo lapho bekhohlwa ngaYe elapho. Ukukhuluma okuningi ngaYe, nokungaMboni ekanye nabo. Ngifisa sengathi ngabe nginendlela yokukubethela lokho. Bhekani, babekhuluma ngaYe, kodwa babekhohliwe ukuthi Wayelele kuwo kanye umkhumbi ababekuwo.

102 Futhi namuhla, yilokho okwenzekile emabandleni. Sikhuluma ngaYe. Sinezihlakani eziningi, abantu baze baqeqeshwe kakhulu emBhalweni, baze balethe umlayezo ozo . . . Awukwazi ukubeka umunwe kuwo. Kodwa uphi uNkulunkulu na? Yilokho engifuna ukukwazi. Kuphi lokho kubonakaliswa na? Niyabo? Izintshumayelo zobuhlakani!

103 IBhayibheli lathi, "Ngaphambi nje kokubhujiswa kwangaphambi kukazamcolo," futhi uJesu wathi, "kuyoba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu, njengoba kwenzeka emihleni kaNowa." Kwakukhona imidondoshiya emhlabeni. Babeyimidondoshiya, amadoda anemizimba emikhulu.

104 Futhi namuhla kukhona imidondoshiya eyizihlakani. Kukhona amadoda a, o, amadoda amakhulu, amadoda anamandla amakhulu. Basazi isiGreki njengoba nje bazi isiHeberu, nayo yonke into, futhi bangakuhlanganisa ngobuhlakani okukhulu. Kodwa iphi leyo—leyomvuselelo na? Uphi lowo Nkulunkulu ovutha enhliziyweni yomuntu na? Hhayi ukuthi kungubuhlakani kangakanani; kuthatha ubulula, ukuletha amandla kaNkulunkulu.

105 Base-ke bethola, njengoba sinayo namhlanje, leyonkathazo yaqala. Umkhumbi waqala ukuyendezela, futhi imimoya

yaphephula oseyili, futhi amanzi agcwalisa isikebhe. Ini na? Wonke amathemba ayesephelile, wonke amathemba okuphila.

106 Manje, uma wake waba seGalile, lezozinto ezifanayo ziyenzeka namhlanje. Ngale ngasohlangothini olusentshonalanga, kukhona—kukhona izintaba. Umfantu kuyo, *kanjalo*, ngandlela thize uyanqanyulwa. Futhi, namuhla, abadobi ngasogwini bazokutshela ukuthi kuwubuqili ukuwela ulwandle lapho, ngoba lezoziphepho zikhuphuka ngokungaziwa, futhi zivele zishanele zehle. Nalawomanzi, amanzi azamazamayo, avele azulazule ngapha nangapha, futhi asacwilisa abadobi nanamuhla.

107 Futhi kungazelelwe kwenzeka okuthile. Kwavuka inkathazo. Futhi basho behla oseyili, futhi umoya wawuphephula wasuka. Futhi izigwedlo ziqala ukwehluleka, futhi ziqhekeka futhi ziphuka, njengoba labo badobi abanomgogodla oqinile belala kuzo, bekwazi ukubhekana nalawo magagasi. Futhi—futhi masinyane umkhumbi wagcwala amanzi. Kodwa akumangalisi yini ukuthi amadoda, emahoreni ambalwa nje edlule, amen, aMbonile enza izinto ezinjalo, futhi ayesekhohlwe yikho konke ngakho na?

108 UNkulunkulu owavusa abafileyo, uNkulunkulu owaphulukisa abagulayo, uNkulunkulu Ogcwalisa ngoMoya oNgcwele, esikubonile kwenziwa, manje uyafana namhlanje. Ukhona lapha esikebheni. Ulapha kanye nathi. "Bhekani, Nginani njalo. Kungakhathaliseki ukuthi nisezinkathazweni, noma lapho ehamba kahle ngomkhumbi, Ngisesikebheni." Niyabo?

109 Babekhohliwe ngakho. Futhi babecabanga ukuthi konke ukusinda kwase kungasekho. Babecabanga bona . . . BabeMbonile enza izinto eziningi, kodwa manje base bekhohliwe ukuthi Wayesesikebheni. Konke kukhohliwe, ngesikhathi senkathazo, njengoba kunjalo manje.

110 Manje, njenganamuhla nje, siyathola, bathola izinkathazo ukuthi ikhono labo elalingeke lakwazi ukuzinyanga. Niyabo? Kwakungaphezu kwekhono labo ukukunyanga. Babezama ukumisa oseyili phezulu, nemimoya yabaphephula. Bazama ukubeka ezigwedlweni, ukugcina amanzi engaphandle kwesikebhe, ukushaya amagagasi kahle nje. Njengoba nina bashayeli bezikebhe nazi ukuthi kufanele wenze kanjani, futhi ungadluli ngqo phezu kwamagagasi, uyocwilisa isikebhe. Ufanele usijikise, ugibele igagasi lapho udlula. Nalabobadobi, nakho konke ababenakho, bekukhathalele kakhulu ukuphila, baze bakhohlwa ukuthi uMdali wayesemkhunjini. Futhi wonke amakhono abo aqhubeka ahluleka.

111 Ngibona odade ababili behlezi lapha kulobubusuku ezihlalweni ezinamasondo. Niyabo, akungabazeki kodwa labo besifazane bazamile yonke into ezweni ukuze baphile.

Kungase kube khona abantu lapha abanomdlavuza, othile onenkathazo yenhliziyo, futhi ikhono likadokotela lisebenze konke abangakwenza, ukukusiza. Kodwa usekugcineni. Bona, akukho okungenziwa. Sesikhohliwe ukuthi Ubani okanye nathi na?

112 Ubani lo, ehamba ngomkhumbi indikimba yempilo, ekanye nathi na? Ubani onikeza isithembiso na? UyiZwi. Niyabo? Akukaze kuthathwe kithi okwamanje. Ngikufuna kanjalo, enhliziyweni yami, uma beke bakuthathe *lokhu*, nginaKho *lapha*. Niyabo? Niyabo? Kodwa iZwi lisenathi. UyiZwi. Futhi i—izinto udokotela angeke akwazi ukuzelapha, izinto izwe lebandla elingeke lakwazi ukuzelapha, sinoMdali wazo zonke izinto ekanye nathi.

113 Bengifunda incwadi ejikelezayo eyabhalwa yiPentecostal enkulu ehlala ngapha nangapha kukapapa, kungekudala, emkhandlwini wenkolo yobukristu. Ngabhala phansi, eminyakeni engamashumi amathathu-nantathu edlule, ukuthi yona impela leyonto yayizokwenzeka. Manje, awusoze wakwazi ukushwiba amaphentekoste angempela, okomoya angene kuleyonto. Azi kangcono kunalokho. Kuzwakala kukuhle kabi konobuhlakani, kodwa ingqondo kamoya ibamba ngokushesha ukuthi lokho akulungile. Bayazi ukuthi lokho akulungile. Bayakwazi lokho uNkulunkulu akushilo ngalezo zinto. Futhi ngakho, bona, abasoze bakubamba.

114 Manje, abanye bazokwenza, lapho uJesu athi imimoya emibili ngezinsuku zokugcina iyocishe idukise nabaKhethiweyo impela ukuba kwakunokwenzeka. Niyabo? Kodwa abaKhethiweyo bayokwazi okwehlukile. Kodwa sisesikhathini senkathazo lapho kungekho khona umfundisi emhlabeni ongamisa amahlelo ethu ekujoyineni lo mkhandlu wamabandla obukristu. Sebekuyo vele. Akunandaba ukuthi zingaki izinto uNkulunkulu azenzayo, ukuthi Wayebusiswe kangakanani phakathi kwethu, bangena kukho ngqo, noma ikanjani. Awukwazi ukukumisa. Yilokho kuphela okukhona kukho. Bazokwenza, manje, izinkathazo ezingeke zilashwe yibandla. Bese-ke, masinya lapho sithola lokho . . .

115 Uya kudokotela, uzothi, "Awu, ngiyaxolisa ukukutshela, kodwa u—unomdlavuza." Awu, ngokushesha, yilokho kuphela. "U—u—ufile. Yilokho kuphela okukhona kukho. Noma, yena owesifazane, sebehambile." Odokotela bathi, "Awu, lokho ukukhubazeka. Awukwazi . . . Leso isifo sokushodelwa yigazi." Awu, ngokushesha impela, "Bafana nokuthi bafile, khona lapho." Niyabo? Ukwesaba kuyangena, niyabo, kodwa akufanele.

116 Ubani Lona owenza isithembiso na? Siphilelani na? Kungani siyiBandla likaNkulunkulu ophilayo na? Kungani sigcwaliswa ngoMoya oNgcwele na? Ukukhumbula ngesikhathi

senkathazo, Usesekhona. Uzinzisa izinto. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Unathi ngokufanayo nje. Angahle ukuthi uphumule imizuzwana phakathi kwemihlangano, kodwa Usesekhona ngokufanayo nje. Ya. Futhi lapho kungena inkathazo, nokukholwa kokuthi Yena enathi . . . Khona-ke ukwesaba kuyangena. Futhi lapho ukwesaba kungena, khona-ke sinenkathazo ngempela.

117 Sinalokho ebandleni, kuzwelonke, noma kuphi. Zonke izizwe zesabela ukufa. Kukhona usomkhathi ndawo ndawo, futhi kukhona ibhomu le-athomu. Futhi siyazi ukuthi isayensi ithuthukise izinto zemishini, kuze kube yilapho, nganoma isiphi isikhathi, ngaphandle kwesixwayiso, umhlaba wonke ungase ube yizicucu. Futhi umhlaba uyesaba.

118 Angesabi ukuthi umhlaba uzoba yizicucu. Kuzoba khona ukubusa kweminyaka eyiNkulungwane, emva kokuba konke lokhu sekuphelile. UNkulunkulu ngeke ehlule inhloso yaKhe uqobo. Into kuphela engiyikhulekelayo, "Nkosi, ingabe ngikulungele ukuhamba, lapho Efika na?" Yilokho—yilokho kuphela ukwesaba enginakho. "Ingabe ngiKuthokozisile, Nkosi na?" Niyabo?

119 Ungesabi ukuthi umuntu wenzani. Yesaba uNkulunkulu. Wathi, "Ningamesabi ongabhubhisa umzimba. Kodwa Angabhubhisa kokubili umzimba nomphefumulo esihogweni." Niyabo? Kulungile.

120 Manje, izingxabano nokunye, lapho kungena inkathazo, ukwesaba. Futhi sibonakala sifana ngokuphelele namuhla. Kodwa, khumbulani, Usenathi.

121 Manje, kuJohane oNgcwele, isahluko 1, ningakukhohlwa, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu." AmaHeberu 13:8 athi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Futhi leNcwadi iyisambulo sikaJesu Kristu, kusukela kuGenesise kuya eNcwadini yokugcina, yeSambulo. Isambulo sikaJesu Kristu. Abaprofethi nazo zonke lezozinto zazifanekisela uKristu. Futhi yonke into eNcwadini nguJesu Kristu.

122 Ngakho, khumbulani, Usenathi. Yonke into, ukwelapha yonke imbangela udeveli angayiqala, ikhona *lapha*. Sinayo, khona *lapha*. Inkinga; kodwa iNkosi isesikebheni. Kulungile. Uma bengena enkathazweni, lapho odokotela bengakwazi khona ukukwelapha, khumbulani, Ulapha. Uma thina . . . Ungakhohlwa. Usemkhunjini.

123 Babefanele bazi, laba bafundi, ukuthi WayenguMesiya. Futhi igama elithi *Mesiya* lisho "Ogcotshiweyo." Niyabo? Khona-ke uma . . . Wayenakho konke uNkulunkulu kuYe. UNkulunkulu wayekuYe. Wathi, "Mina . . . " UJesu, iNdodana, wathi, "Angenzi lutho ngokwaMi kuphela lokho eNgibona

uBaba ekwenza. UBaba uhlala kiMi." Niyabo? Manje uma . . . WayenguMesiya, ngalokho, ngalolo gcobo, kwaMenza uMesiya ngokugcwele. Futhi thina, ngoMoya ofanayo owawuphezu kwaKhe; hhayi ngengxenye, kodwa imfanelo efanayo; ngenxenye phezu kwethu, bekungasenza sibe njengomesiya, sibe ngamadodana amancane kaNkulunkulu, amadodana kaNkulunkulu okutholwa. NoMoya waKhe oNgcwele usibeke uphawu emzimbeni waKhe, futhi singabantwana baKhe.

124 Akufanele kube khona okusikhathazayo, akukho okusikhandlayo. Si—singabaKhe. Uma kungenjalo, awu, singabamangaleli bamanga, si—besikade sifakaza ngisho ngento engenjalo. Ngiyakukholwa. Ngiyakholwa ukuthi manje singamadodana kaNkulunkulu, hhayi ukuthi sizoba; manje, khona manje. "Futhi manje sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu." Amen.

125 Asinawo amandla, kodwa sinegunya. Akudingi amandla. Omunye wathi, "Unawo amandla na?" Qhabo, kodwa nginegunya. Kunjalo.

126 Thatha iphoyisa elincane limi phandle lapha. Ligqoka umfaniswano. Isigqoko salo sikhulu kakhulu kulo, sihlala phezu kwezindlebe zalo. Alinawo amandla okumisa lutho. Kodwa ake liphumele lapha, futhi imoto yehla ngomgwaqo, ngenjini yamahhashi angamakhulu amathathu, futhi ake liphakamise lesosandla. Qaphela amabhuleki eklwiklwiza. Ngani na? Alinawo amandla, kodwa linegunya.

127 Futhi lapho owesilisa noma owesifazane egcotshwe ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, angase angakwazi ukufunda igama lakhe ngezinhlamvu ezilingana nenqola kaloliwe, ngemfundo, kodwa u—u—unegunya elivela kuNkulunkulu, lokuthi uyindodana kaNkulunkulu. Makathathe igunya lakhe, futhi ame bese ethi, "Ima," namasondo kaSathane azoklwiklwiza, namabhuleki azokwenza. Kukhona okuzokwenzeka, ngoba unikezwe igunya nguMoya oNgcwele. "NgeGama laMi bayokhipha amademoni." Yilokho-ke. Impela. Akumele abe ne—abe ne-DD.D., noma i-Ph.D. Ufanele azi uJesu, futhi azi lokho akunikiwe. Nanguya emile. Yebo, mnumzane.

128 Babefanele bazi, ngokubhekisisa ukuthi leNdoda yenzani, nokuMvuma lokho Ayeyikho, uMesiya. Khona-ke, Wayazi zonke izinto, futhi Wayazi ukuthi lenkathazo yayiza. Wayazi zonke izinto. Impela. "UBaba akenzi lutho ngaphandle kokuba Ebonise iNdodana." Niyabo? Ngakho Wa—Wayazi zonke izinto. Babefanele bazi ukuthi Wayeqonda ukuthi isiphepho siyeza, kulungile, futhi wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka. Kwanikezwa kuphela njengesivivinyo sokukholwa kwabo.

129 Futhi mhlawumbe lezizinkathazo yenziwa kuphela, mhlawumbe imvuselelo isiyekile, ukubona ukuthi sizokwenzani ngakho. Mhlawumbe ukugula kukushayile. "Lokhu kungenxa

yokuthi, kwakungesona isono samuntu, kodwa kwakuwukuthi imisebenzi kaNkulunkulu yaziwe." Sazi kanjani ngalezizinto, zenzeka na? Akukho okwenzekayo, futhi nje ngokwejwayelekile, ngaphandle kokuthi uNkulunkulu ekwazi. Uyakwazi. Wakwazi, ekuqaleni. Futhi lezi zinto zenzeka ngoba kuwuvivinyo lokukholwa.

130 UPetru wathi, "Ningacabangi ukuthi kuyinto engavamile lapho ukuvivinywa kwehlela phezu kwenu, izilingo ezivuthayo. Kungcono kuwe kunegolide. Kwenzelwe ukukufakazela." O, lowomlilo womcwengi, ukuthi uzophuma ngamaphesenti ayikhulu, wonke amanyela esencibilikile, konke ukungakholwa, isehlakalo ngaleso sikhathi, enisaziyo! Lokho abantwana bamaHeberu ababengakufakaza, ngemva kokuba sebedabule emlilweni, "UNkulunkulu unguMsindisi, emlilweni." Babekwazi.

UDaniyeli wayazi, ngemva kwesehlakalo somphandu wezingonyama.

131 ULazaru wayazi, emva kwethuna, ukuthi Wayengukuvuka. Amen.

132 Ngemuva kokuthi udlule kulokhu kuhlolwa nezivivinyo, ziyakhazimula kuwe. Khona-ke, lokhu kwenzelwa ukuhlola ukukholwa kwabo. Mhlawumbe kungahle kube njalo, kulobubusuku, ukuthi abanye lapha unokugula, futhi kuwukuhlola kokukholwa, ukubona ukuthi uzokwenzani ngakho.

133 Wayefakazisile kubo ukuthi WayenguBani. Wafakazisa ukuthi WayenguBani. Kanjani na? NgamaZwi Awashumayela, nangemisebenzi eyayilandela amaZwi. Niyabo? Ukuqinisekisa! UNkulunkulu wayeMqinisekisile. Ngokuba wathi kubo, "Uma . . ." Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaNkulunkulu, khona-ke ningaNgikholwa. Uma lokho uNkulunkulu athi Ngiyokwenza, uma Ngingakwenzi, khona-ke Ngilahleni, uma Ngingakwenzi. Uma Ngingesiye uMesiya . . ." Futhi, U—Uyokusho lokho. "Uma Ngingeyena uMesiya, uma . . . Awukwazi ukuNgikholwa njengoMuntu, nginguMesiya, ngoba aNgizange ngize ngezikole zenu, futhi aninandawo lapho eNgake ngafundiswa khona, noma lapho eNgadlula khona ezikoleni zenu zesayense yezenkolo. Futhi uma ningakholwa ukuthi NginguMesiya, awu, kholwani imisebenzi. Ifakaza ngalokho eNgiyikho."

134 O, bekungeke yini kube kuhle kakhulu, kulobubusuku, ukuba ibandla belingazinza kulokho kuphela, ukuthi iBhayibheli lasho lokho umKristu ayeyokwenza nalokho ayeyoba yikho. O, he! Ngikucabanga kanjani lokho!

135 UJesu wathi kubo, "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade. Futhi YiYo efakaza ngaMi. Ikutshela ukuthi Ngiyini." O!

136 Angifanele ngisho ukuthi ngiyiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, kumbe noma yini. Impilo oyiphilayo, a—amaZwi kaNkulunkulu, uma uyingxenye yaleloZwi eliphilayo, ungakuphika kanjani lokho oyikho na? Futhi iZwi lingagwema kanjani ekuqinisekiseni lokho oyikho, uma uyikho na? Niyabo?

137 Ingacelwa kanjani—kanjani imvu ukuba ikhiqize uvolo na? Ayikwazi ukukhiqiza uvolo. Inqobo nje uma iyimvu, iyothela uboya ngoba iyimvu.

138 Futhi indoda ayidingi ukwenza lutho, uma ingumKristu. Inguye ngoba inguye. Yona, yilokho eyenziwe ngakho. IngumKristu, ngokwemvelo.

139 Isihlahla sama-apula yisihlahla sama-aphula ngoba yisihlahla sama-aphula. Niyabo? Isihlahla samapentshisi isihlahla samapentshisi ngoba siyisihlahla samapentshisi.

140 Futhi umKristu ungumKristu ngoba uKristu uhlala kulowo muntu. Futhi kwenza . . . *MKristu* kusho "Ukufana noKristu," hhayi ubulungu; kodwa, ukuqinisekiswa, uNkulunkulu ekhiqiza ngawe nje lokho umKristu ayikho. Nguwe uphuma endleleni futhi uvumela uNkulunkulu angene, ungathathi-micabango. Umqondo owawukuKristu mawube kuwe. Nakho lapho ukhona. Lowo ngumKristu wangempela. O, he!

"Hlolani imiBhalo," Washo. "YiYo efakaza ngaMi."

141 Kwakufanele bazi ukuthi wayenguNkulunkulu owadala imimoya namagagasi. Niyabo? UNkulunkulu wadala umoya. Yebo. Umoya lowo. UNkulunkulu wadala amanzi. Yebo. Leyo indawo ka-$H_2O$. Yena, Wakudala lokho. Kodwa, niyabo, ukuthi kuyini, udeveli wangena kulowomoya, kwase kuthi-ke udeveli wafika kwenye into ethize, wangena kukho, futhi lokho kwabangela isiphepho.

142 Futhi kungaleyondlela ngamakholwa ngezinye izikhathi. Ehlisa imigoqo, ekungakholweni, bese-ke kungena uSathane ngesivunguvungu, niyabo, kubangela ukuqophisana, nezingxabano, nokuphikisana, nakho konke. Lowo ngudeveli engena phakathi kwabantu.

143 Udeveli ungena phakathi ko—komoya futhi awugovuze, kubangela ukufa; ungena phakathi kwamanzi, awagovuze. Niyabo? UNkulunkulu wakudala, kodwa bamvumela udeveli ukuba angene. Udeveli wangena kukho, "inkosana yamandla omoya." Qaphelani, wangena kukho, futhi nakho kufika imimoya namagagasi.

144 Manje, labo bafundi kufanele ngabe bathi, "Ngani, akukho lutho olungalungile manje. Ngani, nakho kulele uMdali, elele khona lapha. Uhamba nathi ngomkhumbi. Niyabo? Ngani, buka nje izinto Azenzile. Awu, sinendaba ngani ngamagagasi."

145 O, ukuba besingazizwa kanjalo ngakho, bekungaba ngokwehluke kangakanani. Yebo.

146 UNkulunkulu, uMdali wezulu no—nomhlaba, UNkulunkulu uMdali wemimoya namagagasi, bekungeke yini kudingeke balalele iZwi laKhe na? Into kuphela Ayefanele ayenze kwakungukukhuluma. Niyabo? UyiZwi, kodwa uNkulunkulu wadingeka asebenzise umuntu ukugcwalisa, noma ukuveza obala izingxenye zaKhe ezingehlukaniseki.

147 UNkulunkulu, ekuqaleni, wayenguNkulunkulu nje. Wayengeyena ngisho uNkulunkulu; U*Nkulunkulu* yi "nto yokukhonzwa." Wayengamandla amakhulu, uNkulunkulu. Khona-ke Wadala iziNgelosi, neziNgelosi zaMkhonza, ngakho WayenguNkulunkulu. Wase Edala umuntu.

148 Manje, UnguMsindisi. Ngakho, akukho lutho olulahlekile; okuthile kwadingeka kulahleke, ukuze Aveze obala ingxenye yaKhe engahlukaniseki njengoMsindisi. Niyakukholwa lokho na?

149 WayenguMphulukisi. Ngakho, akukho okugulayo; ngakho kwakufanele kube khona into ethize egulayo, ukuveza obala ingxenye yaKhe engahlukaniseki, ukukhombisa ukuthi Wayeyiyo.

150 WayenguBaba, niyabo, futhi into ethile yayifanele ibe khona. Wayefanele abe neNdodana, ukuMenza uBaba. Niyabo?

151 Futhi zonke lezizinto ziveza obala izingxenye zaKhe ezingahlukaniseki, akukho lutho oluphuma emgqeni. Niyabo? Kukhona . . . UNkulunkulu wenza konke ukuchofoza kwamasondo kube ngokuyikho ncamashi. Konke kuhamba kahle. UMdali, haleluya, uMdali usesikebheni esihamba ngaso.

152 "Noma izibungu zesikhumba ziwubhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, Engiyakuzibonela mina uqobo," kwasho uJobe. Kunjalo. UDavide wathi, "Ya, noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angeke ngesabe okubi, ngokuba Wena unami. Noma ngendlala umbhede wami esihogweni, Ukhona. Noma ngithatha amaphiko okusa ngindize ngimuke, Ukhona." Ngihamba ngomkhumbi phezu kokubaluleka kwempilo enesizotha!

> Nezimpilo zamadoda amakhulu zonke ziyasikhumbuza
> Singenza izimpilo zethu ziphakame kakhulu,
> Ngokuhlukana, sishiya ngemuva kwethu
> Amanyathelo ezinyawo (njenga*lezi*) ezihlabathini zesikhathi;
>
> Amanyathelo ezinyawo, ukuthi mhlawumbe omunye,
> Sisahamba ngomkhumbi phezu kwesisekelo esibalulekile sempilo,
> Umfowethu olahliwe nophukelwe ngumkhumbi,
> Ekuboneni, uyakuthatha inhliziyo futhi.

"Uma uNkulunkulu enzela lowomfowethu, Uzongenzela mina."

Ake sivuke futhi senze khona-ke,
Ngenhliziyo nganoma yiyiphi ingxabano; (Yilokho ebenginga . . .)
Ungabi njengezinkomo eziyisimungulu, eziqhutshwayo! (Ufanele ushayelwe kunoma yini.)
Ake sikholwe, sibe iqhawe engxabanweni!

153 I*Hubo LokuPhila,* inkondlo kaLongfellow, *Ihubo LokuPhila*. Ngiyalithanda. Lisho okuthile. Liveza okuthile. Linento yangempela kulo, izincazelo ezithile. Ngiyayithanda into ethile enombala kuyo, enencazelo. Umculo, inkondlo, noma kungahle kube yini, ngiyakuthanda uma kungokwangempela.

154 Manje, babefanele bazi ukuthi Wayezodingeka, yonke into yayifanele iMlalele. Besifanele sazi into efanayo. Imizimba yethu izofanele ilalele iZwi laKhe. "NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zakho." Ngabe yiZwi lelo na? Awu, lomzimba uzofanele ukulalele lokho.

155 Konke okufanele ngikwenze ngukucindezela inkinobho. Amen. Kwesinye isikhathi inkinobho isemadolweni, niyazi. Kodwa, ngiyanitshela, lokho kuthumela amandla.

156 Kodwa yilokho kuphela okwenzayo ukukukholwa. UNkulunkulu wakuthembisa. Futhi njengoba lawomagagasi ayefanele aMlalele, kanjalo na*lokhu* kumele kuMlalele. Kangangoba, ukuthi Wethembisa, emva kokuba sesibhubhile, "Ngiyomvusa futhi, ngosuku lokugcina."

157 Bengikama lezizinwele ezimbili noma ezintathu enginazo, lapha esikhathini esingeside esedlule. Futhi umkami wathi kimi, ehlezi emuva lapho, wathi, "Billy, usuba nempandla."

158 Ngathi, "Kodwa, uyazi, s'thandwa, angilahlekelwanga nangolulodwa lwazo."

Wathi, "Ini? Awulahlekelwanga nangolulodwa lwazo na?"

Ngathi, "Qhabo."

Wathi, "Ngiyacela ungitshele ukuthi zikuphi."

159 Ngathi, "Khona-ke ngifuna ukukubuza okuthize. Ngitshele ukuthi zazikuphi ngaphambi kokuba ngizamukele. Ziyinto. Futhi noma ngabe zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole, zingilindele lapho-ke ukuba ngize kuzo." Kunjalo.

160 Wathi, "Akuyikubhubha nolulodwa unwele lwekhanda lakho." Akukho okuzobhubha. Uyazi ukuthi wena . . .

161 Into ebhubhisa kakhulu esinayo umlilo. Kodwa umlilo awushabalalisi. Ushisa kuphela ama-asidi nemimoya-mpilo kuze kujike kuphindele ngqo kulokho okwakuyikho ngaphambili. UNkulunkulu akabhubhisi lutho. Awukwazi

ukushabalalisa noma yini. Haleluya! Kunjalo. Awukwazi ukushabalalisa lutho. Izobuyela emsukeni wayo.

162 Ngilayisha ngesandla amagobolondo. Ngidubula i-.220 Swift, futhi ngiyibeka amafidi ayizinkulungwane ezinhlanu ngomzuzwana ekhaleni. Bese-ke ufaka uhhafu wohlamvu ngaphezulu uphawuda kuyo, bese udubula ubhekise odongeni lapho, awuboni lutho. Akuzukwenza ibala. Konke okuzwayo wumsindo. Kwenzakalani na? Lapho leyo nhlamvu ishiya umbhobho ngokushesha kakhulu nalelo thusi nensizi, ize iphenduke ibuyele emasidini ayo emvelo, ngaphambi kokuba ibekhona, eminyakeni eyizigidi eziyikhulu edlule, mhlasimbe. Kodwa uma izwe belingama sonke leso sikhathi, lingahle ibuye futhi ibe yinhlamvu, futhi. Niyabo, yona, akukho lutho olushabalalisayo. Kubuyela emuva. O, into emangalisa kanje pho!

163 Nginibambe isikhathi eside kakhulu. Kulungile. Ngizovala, umzuzwana nje. Niyabo?

164 Manje, uNkulunkulu wathi, "Ngiyokuvusa futhi ngezinsuku zokugcina." Yeka ukuthi kumangalisa kanjani!

165 Kwakumele bakwazi lokhu. Kwakufanele bazi ukuthi Uyokwenza imimoya namagagasi kuMlalele, ngemva kokuba abafundi baKhe bezithole sebesekupheleni kwamandla abo okuqina.

166 O Nkulunkulu, masenze into efanayo, kulobubusuku, sithole imizamo yethu yomuntu ekugcineni.

167 Lapho bezithola, kufanele ukuthi kwasa kubo ukuthi uMdali wayekanye nabo; emva kokuba udokotela wabo—wabo ehlulekile, ngemuva kokuthi konke ukwamukela kwabo uKristu ngokwesayense yengqondo kwehlulekile, emva kokuba odokotela behlulekile, nakho konke.

168 Khumbula nje ukuthi uMdali unathi. Niyabo? Ulapha, Lowo Owethembisa lezizinto. AmaHeberu 13:8.

Bese kufika umcabango, "Masihambe, sivuse uJesu."

169 Lokho umnyakazo olandelayo. Lokho kuyinto kithi. Asihambe, siMbizele enkundleni. Wathembisa ukuba nathi. Akazange na? "Bhekani, Mina nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe." "UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade." Hamba, uvuse uJesu, ngokuba Ukanye nathi, njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi.

170 Babelibonile iZwi likaNkulunkulu langokomBhalo likhonjwa, ukuthi lowo kwakunguMesiya. Babekwazi. Niyabo? Kunjalo nathi. Siyibonile into efanayo, efika ngoSuku lwePhentekoste, yeza phezu kwethu ngqo; isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo okufanayo, into efanayo eyenzekayo. Simbonile uJesu emi phakathi kwethu ngqo, esebenza ngabantu, futhi ephulukisa abagulayo, futhi evusa abafileyo, futhi avule

amehlo aphuphuthekile, futhi enze imisebenzi efanayo Ayenza ngaleyonkathi, ngokufanayo nje njengoba Ethembisile. Ngakho akufanele kube khona noma yikuphi ukukhathazeka ngakho. Niyabo? Manje, akufanele sicabange ngakho.

171 Owesifazane wake wathi kimi. Lapho ngishumayela, kwenzeka ngacabanga ngalokhu. Kwakukhona inenekazi elasho kimi, lathi, "Mfowethu Branham." Ngikushilo lokhu, izikhathi eziningi, kodwa kungahle kufanele kushiwo futhi. Wathi, "Kunento eyodwa nje engiyithola ingalungile ngokushumayela kwakho."

172 Ngathi, "O, he, ngiyabonga, uyabo, 'into eyodwa nje,'" ngathi, "Ngi—ngiqinisekile ngiyabonga kuwe."

173 Wayesonta esontweni elalingakholelwa ukuthi uJesu wayenguNkulunkulu. Wayengakholwa ukuthi Wayengaphezu kwemvelo. Abazange. Akakukholwanga ukuthi—ukuthi Wayeyilokho Ayeyikho, uMesiya. Wathi, "WayengumProfethi. WayenguMuntu olungileyo, kodwa Wayengeke abe iNdodana kaNkulunkulu. Isizathu, uNkulunkulu wayengeke abe neNdodana. UNkulunkulu unguMoya." Niyabo? Wehluleka ukuqonda ukuthi uNkulunkulu wasibekela uMariya, okwaveza ukuzala kwentombi. Niyabo? Futhi wathi kimi, "UMenza abe ngonobuNkulunkulu, Mnu. Branham."

Ngathi, "UngonobuNkulunkulu."

174 Wathi, "Ngani," wathi, "ngani, Wayengeke abe ngonobuNkulunkulu." Wathi, "Uthe uyalikholwa iBhayibheli."

Ngathi, "Ngiyalikholwa."

175 Wathi, "Uma ngizofakazisa kuwe, ngeBhayibheli lakho uqobo, ukuthi Angeke abe ngonobuNkulunkulu, ukuthi WayenguMuntu nje, uMuntu olungileyo." Futhi bona, awu, uma ekhona omunye wabo phakathi lapha, angifuni ukulimaza imizwa yenu. Isizathu, uKristu wafa . . . KwakuyiChristian Science, niyabo. Futhi wathi, "Manje, ukuphulukisa kwakho nezinto," wathi, "Ngi—ngiyakholelwa kulokho, konke nokuncu, kodwa," wathi, "wenza uJesu abe ngonobuNkulunkulu."

176 "Ngani," ngathi, "Kuphakathi kokuthi ungonobuNkulunkulu noma umkhohlisi omkhulu kunabo bonke izwe elake laba naye." Niyabo? Ngathi, "Kuphakathi kokuthi wayenguNkulunkulu noma Wayengelutho." Niyabo?

177 Futhi wathi, "O, he, Mnu. Branham!" Wathi, "Wayengeke abe ngonobuNkulunkulu."

Ngathi, "Awu, nginike umBhalo wakho."

178 Wathi, "Njengoba Ehlela ethuneni likaLazaru, kuJohane oNgcwele isahluko se 11," wathi, "iBhayibheli lathi Wehlela lapho ethuneni likaLazaru."

Ngathi, "Yebo, mem. Ngiyazi lapho ofunda khona."

179 Wathi, "Khona-ke iBhayibheli lathi, 'Endleleni yaKhe ehlela lapho, ukuthi Wakhala izinyembezi.'"

Ngathi, "Kunjalo."

Wathi, "Awu, Wayengaba kanjani ngonobuNkulunkulu, bese-ke ekhala izinyembezi na?"

180 Ngathi, "Awu, uyehluleka ukubona ukuthi Wayeyini. Wayeyikho kokubili uMuntu noNkulunkulu." Niyabo? Ngathi, "WayenguMuntu ngenkathi Ekhala izinyembezi. Kunjalo. Kodwa lapho Emi ngasethuneni lalowomuntu owakade esefile, izinsuku ezine, futhi wathi, 'Lazaru, phuma.' futhi umuntu owayekade efile, izinsuku ezine, wavuselwa ekuphileni futhi waphuma ethuneni, lowo wayengaphezu komuntu." Kunjalo.

181 Ngathi, "Impela, WayenguMuntu ngenkathi Ehla evela ntabeni ngalobobusuku, elambile, futhi wabheka yonke indawo u—umkhiwane, ukuze athole okudliwayo. WayenguMuntu ngenkathi Elambile. Kodwa ngenkathi Ethatha amabhisikidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wondla abantu abayizinkulungwane ezinhlanu, lokho kwakungaphezu komuntu." Kunjalo. Iqiniso.

182 Futhi ngathi, "Wayengumuntu ngenkathi Elele ngemuva kwaleso sikebhe, ekhathele, lapho amagagasi engazange ngisho akhuphuke. . .awazange ngisho aMvuse, sengathi ayaMvusa. WayenguMuntu. Akungabazeki ukuthi odeveli abayizinkulungwane eziyishumi olwandle bafunga ukuthi babeyoMminzisa ngalobobusuku. Niyabo? Manje, WayenguMuntu elele lapho, ekhathele. Kodwa ngenkathi eke wabizelwa enkundleni, amen, Wabeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yesikebhe, wabheka phezulu wayesethi, 'Thula,' wabheka phansi emagagasini wabe esethi, 'Thula,' nemimoya namagagasi kwaMlalela. Amen. Lokho kwakungaphezu komuntu." Yebo, mnumzane.

183 WayenguMuntu esiphambanweni, ngenkathi Ekhalela ukuphuza amanzi. Wayengumuntu ekhala, "ngomile." Kodwa ekuseni ngePhasika, ngenkathi Evula izimpawu zokufa, isihogo, nethuna, futhi wenyukela phezulu, Wayengaphezu koMuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu kuMuntu. Kunjalo.

184 Futhi Lowo ofanayo uhlala kithi, kulobubusuku, njengoMoya kaMoya oNgcwele. Yebo, mnumzane.

185 Abantu namuhla bathi, "Bengingakholwa kanjani ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade na?" Khumbulani, Wethembisa, eNcwadini ya—yamaHeberu, ukuthi, "Wayenguye izolo, namuhla, naphakade."

186 Wethembisa, futhi, e—iNcwadi kaJohane oNgcwele, isahluko se 14 sikaJohane oNgcwele, nevesi le 12, Wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza. Izinto engiziphilayo, ukuthi uBaba uhlala kiMi, njengoba

Mina ngiyiNdodana kaNkulunkulu; njengoba Ngikuthatha njengomntwana, UMoya waMi uzakuba kini futhi wenze izinto ezifanayo." Impela. Lokho kungokwemvelo kuphela.

187 Futhi, Wathi, "Bhekani, Mina nginani njalo, kuze kube sekupheleni komhlaba." Mathewu 28, 28:22, noma 28:20, kunjalo. "Bhekani, Mina nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe. Nginani. Isikhashana," Washo futhi, "nezwe ngeke lisaNgibona, nokho niyoNgibona. Ngokuba Ngi . . ." *Ngi* esinye isabizwana somuntu. Niyabo? "Ngizoba nani, ngine kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Nakho lapho ukhona. Uyokwazi kanjalo ncamashi. O, futhi, "Angisoze ngakushiya, angisoze ngakushiya."

Wena uthi, "Kungenzeka kanjani lokho na? Kungafakazelwa kanjani na?"

188 UJohane 14:12, bheka, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Manje uselinde ukubizelwa enkundleni. Ulindile kulelihora khona manje, ukufakazisa impela engikushilo ngaYe, ukuthi kunjalo khona manje. Uma kungenjalo, khona-ke *Lokhu* kuliphutha futhi ngingufakazi wamanga. Ulungele ukubizelwa enkundleni khona manje, ukwenza izinto ezifanayo Azenza.

189 Ngakho-ke esikebheni esihamba ngaso, masivuse uJesu ezimpilweni zethu. Lalela. Bengihlale ngisho kaningi. Uma ngama lapha emsamo futhi nganitshela ukuthi umoya kaJohn Dillinger wawuphila kimi, ngani, bengiyoba nezibhamu futhi ngibe umgulukudu. Impela. Uma ngikutshele ukuthi—ukuthi—ukuthi uShakespeare ubephila kimi, bengiyoba imbongi. Uma uShakespeare ehlala kuwe, ngani, wena, ubuyokwazi ukuthi kwenziwa kanjani . . . Ubungaba umqambi omkhulu wezimbongi. Ngabe kunjalo na? Impela. Ubungaba njalo. Izinkondlo, ubungaqamba izinkondlo, ngoba uShakespeare, u—umbhali omkhulu, ubeyoba kuwe, futhi ubuyoba nguShakespeare. Ngabe kunjalo na? Uma uShakespeare ubephila kuwe, ubungeke ube uShakespeare na? Impela, ubuyoba nguye.

190 Ukuba uBeethoven ubehlala kuwe, ubungeke yini ube umqambi wamaculo, umqambi omkhulu, uBeethoven na? Asithi, "UBeethoven uphila kimi." Khona-ke uyokwenza imisebenzi kaBeethoven. Uzobhala umculo wakhe, impela, uma bekuhlala kuwe. Impela ubuyokwenza lokho, ngenxa ukuthi umoya wakhe ubuphila kini.

191 Khona-ke, uma uKristu ephila kimi, uma uKristu ephila kimi, imisebenzi kaKristu iyokwenziwa ngami. Impela. Uma uBeethoven ephila kuwe, imisebenzi kaBeethoven izokwaziwa. Ukuba uKristu ubephila kuwe, imisebenzi kaKristu izokwaziswa, ngoba Usenguye. "Ngokufanayo," Akakwazi ukushintsha. Niyakukhumbula engikushilo na?

KuyiPhakade. Akakwazi ukuguquka. Unguye izolo, namuhla, naphakade.

192 O, manje-ke, Mbizeleni enkundleni. Ingabe uyesaba ukukwenza na? Ngabe amadoda alelihora, ngabe amadoda alolusuku, ayesaba ukubizela uJesu enkundleni, ukuba athi, "Nkosi, Wakwethembisa. Manje kwenze"? O, he.

[Udade ucaphuna iHubo 103:1-9, 11—Umhl.] Amen. Ihubo.

193 Mkhulu uJehova! O, uJehova unamandla! Ungunaphakade unguJehova. Uvela kwingunaphakade aye kwingunaphakade. UnguNkulunkulu. umusa waKhe umi ezinkulungwaneni zezizukulwane, uphezu kwabaMesabayo.

194 Uyesaba yini ukuvusa lowoJesu empilweni yakho, obeselele isikhashana na? Ingabe uyesaba ukuvusa leyonto ukuthi, eminyakeni embalwa edlule, eyehlele phezu kwakho futhi yakugcwalisa ngezibusiso zaKhe na? Uyesaba yini ukuMvusa, bese uthi, "Nkosi Jesu, ngisenkingeni, kulobubusuku. Ngiqhubekele enkundleni. Lapho ngihamba ngomkhumbi olwandle, ngishaywe isifo. Ngihluphekile. Ngisize, O Nkosi Nkulunkulu. Ngisize"? Ngabe uyesaba ukuMbizela enkundleni na? Qhabo.

195 Lapho uMbizela enkundleni, njengalabobafundi, konke ukungabaza kuthatha isihlalo sakho, kuhlale phansi. Ukukholwa kuyavuka. Ukungabaza akusekho. Ukukholwa sekuthathe indawo.

Kulotshiwe eBhayibhelini ukuthi, amaHeberu 13:8, athi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Kulotshiwe, manje makwenziwe.

196 Kulotshiwe kuJohane oNgcwele 14:12, njengoba ngisanda kucaphuna lapha, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Ingabe kunjalo na? Kodwa kulotshiwe, manje makwenziwe. Niyabo? UNkulunkulu wakwethembisa. UNkulunkulu washo njalo.

197 Kulotshiwe, Mathewu 28:20, "Bhekani, Mina nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe." Niyabo? "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina; ngoba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni konyaka." Kulotshiwe lokhu, "NiyoNgibona nina." Kulotshiwe, manje makwenziwe. Uyakukholwa lokho na?

198 Nginigcine kwadlula isikhathi. Seligamenxe elesishiyagalolunye. Futhi ngiyazi ukuthi cishe senihambile naya ekhaya futhi naya kolala ngalesisikhathi. Ake nime umzuzu nje. Lezi zinto, nginamanothi athi awabe ishumi nambili lapho, kodwa angizukuya kuwo.

199 Bheka. Ingabe lezi zinto ziyiqiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma kungelona iqiniso, senzani-ke lapha na? Yini esiyishoyo, okuthize, ukuthi sibe ngabazenzisi na?

Siyazisho, emhlabeni, izinto ukuthi—ukuthi akunjalo ngisho na? Ngani, sifunyanwe singofakazi bamanga, futhi besingefanele ngisho sivunyelwe ukuphila. “Khona-ke uma kungekho ukuvuka kwabafileyo, noKristu engavuswanga kwabafileyo, khona-ke yidlani, niphuze, nijabule.” Nonke phumani futhi niphile njengawo wonke udoti, nezingulube, niyabo, uma kungekho ukuvuka. Uma kungekho ukufika kukaKristu, uma lapho. . . uma—uma Engekho lapha, namaZwi aKhe engesilo iqiniso, uma into encane eyodwa iyiphutha, khona-ke ngeke ngibe nethemba kunoma ikuphi kwaLo. Konke kufanele kulotshwe, konke kufanele kube ngokuyikho.

200 Leli yihora, lapho uJesu athi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Bukani, bukani iSodoma, umzuzwana nje, njengoba ngivala. ESodoma, ngaphambi, izwe lishiswe, izwe labeZizwe lashiswa. Manje, kulesisikhathi, lizoshiswa futhi. Niyabo? Awasekho amanzi; umlilo, kulesisikhathi. “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma.” Manje, bheka i—isimo sezwe namuhla, njengeSodoma nje, ligqoka ngendlela efanayo nje, yonke into. Ngiyakutshela. Kuyahlazisa. Futhi buka umhlaba, ugxambuza nje esonweni.

201 Bukani, ngisho, sekungene ebandleni. Futhi umKristu oyimfashini endala, asisababoni, neze, nhlobo. Futhi abesifazane bethu—bethu, bonke bagunde izinwele zabo, begcoba opende, begqoka izikhindi, na—nakho konke, ngokuziphatha okubi nje, futhi ungazi ukuthi uzocelwa ngaloloSuku ukuba uphendule ngokuphinga. “Yilowo nalowo obuka owesifazane ukuba amkhanuke, usephingile naye.” Ungahle ube msulwa, ngobuhle, kanjalo. Kodwa indlela owenze ngayo, nezoni zikubuka, ngendlela engalungile. Uzivezile, khona-ke unecala. Unecala. UJesu washo njalo. Buka ngisho nabesifazane bakithi bePentecostal.

202 Futhi buka abefundisi bethu, abaningi babo behlisiwe, besaba ukusho noma yini emelene nakho, besaba ukuthi inhlangano yehlelo izobakhipha.

203 Ngingancamela ukulala ngesisu sami, futhi ngiphuze amanzi engatsha futhi ngidle amakhekhe omile kasoda, futhi ngishumayele leloZwi futhi ngikhulume iQiniso, yebo, mnumzane, kunokuba ngibe ngowakho konke okukhona. Yebo, mnumzane.

204 O, sidinga ukujula kobuqotho. Sidinga okuthile emuva. Asidingi ukubukisa okuningi kangaka. Sidinga uMoya oNgcwele uphila phakathi kwethu, lapho abantu bengathi, “Ubani ongangimangalela ngesono na?” Isono ukungakholwa.

205 Uma imiBhalo yasho ukuthi uJesu wayeyokwenza ukuthi-no-kuthi, Wathi, “Ubani kini ongaNgilahla ngecala, noma aNgimangalele ngesono na?”

206 Manje, sinye kuphela isono, lokho ngukungakholwa. Lokho kungukuthi, ukukholwa noma ukungakholwa. "Ongakholwayo uselahliwe vele." Ungabhema, uphuze, futhi wenze lezizinto ngoba awukholwa. Kodwa uma ukholwa, uzokwenza ngenye indlela. Niyabo? Kungenxa yokuthi ukukholwa noma ukungakholwa kukuwe.

207 Manje, bhekani. Hlalani nithule umzuzu nje. Manje, nasi isitatimende esikhulu kakhulu. Ngibheka lezi zethameli, kuqala. Ngiyaqalaza.

208 Futhi ngi—ngi—ngazi umuntu oyedwa engikwazi ukumbona laphaya, e—engingazi ukuthi ngiyamazi. Kuyindoda e—engayimisa ngolunye usuku. Bengingazi. Ibhasi lalizama ukujikela kwesokunxele, futhi abantu bejikela. Ngacabanga, "Lowomfo uzama ukuzungeza, kwesokunxele." Ngama, ngamqhweba ngalapha. Futhi kukhona umshayeli webhasi ohlezi lapha. Futhi lokho ngukuthi . . . futhi lapha. Ngihlangane naye ngale endaweni othenga udlele kuyo yakwaFurr namuhla, noma indawo yokudlela, futhi wangitshela ukuthi wayeyindoda. Wathi umkakhe wayephulukisiwe komunye wemihlangano ndawondawo enenkathazo yezinso, izinso ezintantayo noma okuthize, futhi wamemeza, emhlanganweni. Niyabo? Angikaze . . . UNkulunkulu waseZulwini uyazi ukuthi angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Angikaze ngimbone. Futhi nansi indoda. Ngiqagele, umkayo, ngikholwa ukuthi ulapha ndawondawo, kuzoba wubufakazi. Niyabo? Futhi izinto, kumane kuqhubeke njalo njalo. Niyabo?

Futhi angiboni muntu engimazi ngokwempela.

209 Kodwa, khumbulani, uNkulunkulu unazi nonke. Uyakwazi okusenhliziyweni yakho. Futhi uma EyiZwi . . . Uyakholwa ukuthi UyiZwi na? IBhayibheli lathi, "IZwi likaNkulunkulu linamandla, libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, uMahluleli wemicabango yenhliziyo." Ngabe kunjalo na? Yingalesosizathu uJesu wayekwazi ukuma futhi abone imicabango yabo, futhi abatshele ababekwenzile. Niyabo? Kunjalo.

210 Owesifazane wathinta ingubo yaKhe. Futhi Waphenduka, wathi, "Ubani ONgithintile na?" Wayengazi ngalesosikhathi. Futhi wonke umuntu wakuphika.

211 Kodwa Waqalaza, Waze Wathola lapho lawomandla ayedlulele khona. Wakubona phezu kowesifazane omncane. Futhi Wamtshela ngomopho wakhe, futhi wathi, ukuthi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." "Ukukholwa kwakho." Wayedonse ngoNkulunkulu, edonswe kuNkulunkulu, ngaYe. Yingalesosizathu amandla ayesehambile, amandla okuqina. Ukukholwa kwakhe kwakuthinte uNkulunkulu, ngaYe. Niyabo?

212 Manje, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

213 Omunye wathi, "O, senza imisebenzi emikhulu ngokwedlulele." Awu, yenzani imisebenzi nje, kuqala, niyabo. Futhi vele wenze imisebenzi. Niyabo?

214 Wena uthi, "Sishumayela iVangeli emhlabeni jikelele. Kuhle kakhulu lokho." Uzama ukucasha ngemva kokuthile, mfo. Niyabo?

215 "Imisebenzi engiyenzayo Mina, futhi. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza; neminingi kunale, ngokuba Ngiya kuBaba." Niyabo?

216 Bukani owesifazane emthonjeni, nokunye nokunye. Bamazi kanjalo-ke ukuthi WayenguMesiya. Uma Efike kulobubusuku, edolobheni, ubuyokwazi kanjani ukuthi bekunguYe na? Niyabo? Izibazi zezipikili, noma yimuphi umzenzisi angakwenza lokho, abeke isibazi sezipikili esandleni sakhe, niyabo, noma yini. Qhabo, mnumzane. Indlela kuphela abake bazi ngayo, yinkomba kaMoya, niyabo, uyokwenza imisebenzi Athi Uyoyenza. Manje, ngiyakukholwa lokho.

217 Kungani nginalesi sigejane sabantu bePentecostal na? Angisiye owanoma iyiphi yezinhlangano zabo, ngoba ngivele ngime esikhaleni bese ngithi, "Singabazalwane," konke. Niyabo? Ngoba ngikholwa ukuthi banento esondele kunakho konke kulokho engicabanga ukuthi iBhayibheli liyikho, kunoma ubani engimaziyo. Niyabo? Yileso—yileso isizathu ngikwenza. Angilokothi ngijoyine, ngoba ngiyababona nhlangothi zombili, abafowethu abanoMoya oNgcwele. Ngiyakukholwa lokho. Ngiyazi kuyiqiniso. Niyabo? Futhi ngakho angithandi ukwakha phezu kwa*lena*, noma ukwakha phezu kwa*leyo*, noma ngisuse ku*lokhu* na*lokho*. Ngivele ngime bese ngithi, "Singabazalwane." Khohlwa nje nga*lokho*. Asibe abazalwane, niyabo. Asibe abazalwane nje. Futhi inqobo nje uma uSathane esenza ukuba silwe sodwa, ngani, akadingi nhlobo ukulwa. Kodwa inqobo nje uma sikhohlwa leyompi, futhi sijoyine izingalo nezinhliziyo, futhi sithi, "Singabazalwane," siyaphambili, amasosha angamaKristu, manje-ke, leyomvuselelo enkulu. Awukho mkhandlu wamasonto obukristu oyoke ukuthinte lokho. Qhabo, mnumzane. Lokho ngukukhetha kukaNkulunkulu, abaKhethiweyo ababiziweyo, manje. Uma usuku . . .

218 Khumbulani nje, isibonakaliso sokugcina esenziwa, ngaphambi kokuba iSodoma lishiswe, kwakunguNkulunkulu ebonakaliswa emzimbeni womuntu. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyakubuza. Izingelosi ezintathu zenyukela ku-Abrahama.

219 Futhi ezimbili zeziNgelosi zehlela eSodoma, ukunikeza isexwayiso. Lokho kwaku kosivivi, ibandla lehlelo, uBilly Graham wesimanje, kanjalonjalo.

220 Kodwa u-Abrahama wamelela, njengoba kwakunjalo ngalolosuku, iBandla elikhethiwe elalingekho ezansi eSodoma.

Lingaphandle kweSodoma, amaphentekoste angempela azelwe ngokusha nabo bonke abazelwe ngoMoya. Manje bhekisisani Lowo owasala ngemuva futhi wakhuluma no-Abrahama. Wathi . . .

221 Manje khumbulani, igama lakhe kwakungu-Abrama, ezinsukwini ezithi azibe zimbili ngaphambi kwalokho, noSarah wayengu S-a-r-a. Futhi wayeguqulelwe ku-Abrahama, naku S-a-r-a, uSara. Niyabo? A-b-r-a-h-a-m, *Abrahama*, "uyise wezizwe." Niyabo?

222 Futhi akushaqisi yini, ukuthi, onke amadoda amakhulu ake aya ebandleni laseSodoma ngaphandle, ezweni namuhla, wonke amadoda amakhulu ake aphumela lapho. Kube noBilly Sunday, uSankey, uFinney, uKnox, uCalvin, uLuther, nomunye nomunye. Akekho noyedwa wabo owake waba negama eligcine ngo h-a-m, kuze kube namuhla, G-r-a-h-a-m. Akekho omunye, noma ngasiphi isikhathi. Lezo yizinhlamvu eziyisithupha. Lapho, u-Abrahama u A-b-r-a-h-a-m, isikhombisa, kuphelele. Niyabo? Kodwa qaphelani. INgelosi eza ku-Abrahama, yathi kuye, "Abrahama," hhayi Abrama. "Abrahama, uphi umkakho," hhayi uSarra, kodwa, "Sara."

Futhi iBhayibheli lathi, "Usetendeni emva kwaKho."

223 Futhi Wathi, "Ngi . . ." Nakho lapho okhona, isabizwana somuntu futhi. "Ngizokuvakashela, Abrahama," ngokwesithembiso Asinikeza.

224 Kwakungubani lowo na? Uthuli ezingutsheni zaKhe. Udla ithole, aphuze ubisi lwenkomo, adle ibhotela, isinkwa. Ehlezi lapho, enza sengathi Wayenothuli futhi ekhathele. Vumela . . . Wageza izinyawo zaKhe, uMuntu, wayebukeka njengaye. Futhi Wathi, "Uphi uSara na?"

Wathi, "Usetendeni, ngemuva."

"Ngizokuvakashela, ngokwe . . ."

225 Futhi waye, enikubiza ngakho, elalele izindaba zabantu, niyazi, elalele etendeni. Akazange agijime aphume njengabesifazane namuhla, niyazi, futhi kudingeke, niyazi. Kodwa, yena, ulalele etendeni, kulokho umyeni wakhe ayezokusho. Kulezizinsuku, yena owesifazane usho lokho yena owesilisa abengafanele ukukusho. Ngakho-ke walalela kanjalo, etendeni. Futhi kwathi esezwile . . . Hhayi nina bodade, qhabo, qhabo; nazi kangcono kunalokho. Niyabo? Kodwa, awu, wayelalele.

226 Futhi yena—yena wahleka, emkhonweni wakhe, wathi, "Mina, isalukazi, esineminyaka eyikhulu ubudala, kanye nenkosi yami, nayo isindala, futhi singaba nenjabulo futhi na?" Niyabo, njengendoda nonkosikazi, base benqamukile, iminyaka neminyaka ngaphambili. "Ngiphinde ngibe nenjabulo nomyeni wami, sibe nenjabulo ndawonye na?" Futhi wahleka.

227 NeNgelosi, nowaYo . . . INdoda, ifulathele itende, yathi, "Uhlekeleni uSara na?"

Futhi wathi, waphuma wagijima wase evuma, "Angishongo."

"Kodwa ukwenzile." Niyabo?

228 Manje, uNkulunkulu ubeyoyithatha impilo yakhe khona lapho. Kodwa Akakwazanga ukumlimaza, ngokuba uyingxenye ka-Abrahama. O, ngabe sahamba kudala, ukuba sasingeyona ingxenye kaKristu. Zonke izinto Azenzile, futhi siye sazungeza futhi sathi, "Ukufunda inqondo. Yi*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*." Kodwa Angeke akuthinte. Niyabo? Ulaka alukwazi ukukuthinta, ngoba uyingxenye kaKristu lapho uzalwa ngokusha. Niyabo? Niyabo? Wayengenakukwenza, kungenxa yokuthi kwakuzomlimaza u-Abrahama. Isithembiso saKhe sasiku-Abrahama, futhi uSara uyingxenye ka-Abrahama. NeBandla liyingxenye kaKristu, uMlobokazi. Niyabo? Akakwazanga ukukwenza, nakuba ukungakholwa kwakhe.

Yathi, "Kodwa uhlekile."

229 IBhayibheli lathi wayesaba. Mhlawumbe wayesaba ukuthi uzolahlekelwa ubulungu bakhe noma okuthize, kodwa, niyabo, niyabo, njenganamuhla. Kodwa—kodwa wayesaba.

230 Futhi, qaphelani, leyoNdoda efanayo inika u-Abrahama izibusiso. Nesethembiso, ukuthi, uma engathola imiphefumulo eyishumi elungileyo, Wayengeke alibhubhise, futhi yashabalala phambi kwakhe.

231 Futhi u-Abrahama wambiza ngokuthi *Elohim,* "Lowo Owanele konke." Manje thatha iBhayibheli lakho futhi ubheke. Uma . . . "Ekuqaleni uNkulunkulu . . . " Bona ukuthi akuyena yini u "Elohim." Futhi lapha u-Abrahama, owakhuluma naYe, wabiza lokhu kubonakaliswa iNdoda lapha, ngaphambi nje kokushiswa kweSodoma, eyayikwazi ukwehlukanisa imicabango engqondweni, wathi yayingu "Elohim."

232 Futhi uJesu wathi, "Njengoba kwakunjalo emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo." Bheka manje ukuthi ubani oseye ebandleni, ihlelo. Bhekisisani ukuthi uNkulunkulu wenzani phakathi kwabaKhethiweyo. Naso nje isibonakaliso sokugcina u-Abrahama ake wasemukela, i—iBandla elibizelwe ngaphandle, walemukela ngaphambi kokuba iSodoma lishiswe. Sisezinsukwini zokugcina.

233 Bangane, vusani uJesu. "Nkosi, Wenze isithembiso." Ungesabi. Ithi, "Nkosi Nkulunkulu, ngesibindi ngiyaphuma. Ngiyazivusa, phakathi lapha. Vuka, Nkosi, ekukhaleni kwami. Ngiyadinga. Yiba nomusa kimi. Angikholwanga, futhi ngixolele ngakho. Makuthi mina, kusukela manje, ngifuna ukuKubizela enkundleni, ngodaba lwami."

234 IBhayibheli lathi, "UngumPristi oMkhulu ongathintwa umuzwa wobuthakathaka bethu." Ngabe kunjalo na? ITestamente eLisha, amaHeberu 1, amaHeberu 3, umPristi oMkhulu. "Manje Uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, umPristi oMkhulu ongathintwa." Futhi uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, ubuyokwazi kanjani ukuthi uMthintile na? Uzokwenza ngokufanayo njengoba Enzile izolo. Lokho bekuyoMenza namuhla. Ngabe kunjalo na? ["Amen."]

235 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . emizimbeni egulayo lapha kulobubusuku. Nkosi, Wena unguNkulunkulu, futhi akakho ofana nawe. Into kuphela okumele siyenze wukuvuka, sizithintithe, sibizele uJesu enkundleni. Futhi, Baba, lapho Ufika enkundleni, khuluma ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi sazise kulobubusuku ukuthi Usesesikebheni. Useselapha. Wena wathi, "Angisoze ngakushiya. Angisoze ngakulahla."

236 Futhi makwazeke kulobubusuku, Nkosi, ukuthi ngikhulume iQiniso. Kungakhathaleki ukuthi mangaki amagama okufanele ngiwasho, kusayolokhu kungeke kube njengoba Wena usho into eyodwa. Igama elilodwa nje elivela kuWe liyosho ngaphezu kwanoma yini noma yimuphi umuntu angayisho. Sifuna Wena, Baba. Woza enkundleni ngokwanele ukuthi laba bantu lapha bakwazi ukubona ukuthi Wena usesikebheni, futhi ngikholwa ukuthi sonke isoni sizophenduka. Ngikholwa ukuthi wonke umhlubuki uphuthuma ngokushesha e-altare. Ngikholwa ukuthi wonke umuntu ogulayo uzosinda. Ngeke Usiphe khona, Nkosi na?

237 Sibiza Wena. Woza, Jesu. Abanye bazobhubha, Nkosi. Abanye bayokufa ukufa kwaPhakade, ukwehlukana noNkulunkulu, uma Ungezi enkundleni. Siyabhubha Nkosi. Abanye babo bakhohlwe izimangaliso zaKho ezinkulu zokuphulukisa. O Nkulunkulu, qhubekela enkundleni. Sibiza Wena. Woza futhi uvuse unembeza wethu, Nkosi, noMoya kaKristu ophakathi kwethu. Siyakhuleka eGameni likaJesu Kristu.

238 Manje amakhanda ethu ekhotheme, uma umshayi wopiyano ezoza opiyaneni, kumbe noma ngabe kukuphi. Futhi sicela inhlonipho. Futhi manje ake sihloniphe njengoba sazi ukuthi sibe kanjani, umzuzwana. *Kholwa kuphela,* uma uthanda, dade, kancane.

239 Manje, ngamunye wenu khulekani. Manje, zikhulekeleni nina. Ngifuna ukwazi ukuthi bangaki phakathi lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi uyagula futhi ufuna uNkulunkulu akuthinte, ungaphakamisa izandla zakho. Kulungile. Kulungile. Manje, bangaki abanamakhadi omkhuleko na? Phakamisa isandla sakho. Awu, cishe kukhona abaningi ngokuphindwe kabili ongenawo amakhadi omkhuleko njengoba ekhona

onamakhadi omkhuleko. Kungakhathaleki ukuthi unalo noma awunalo, lokho akusho lutho.

240 Lokho kusho ukuthi ubizela phezulu lapha. Bengizolanda abelusi, behle, sizokubeka izandla futhi sikukhulekele. Manje, lokho ku—lokho kuhle. Niyabo? Lokho kuhle ngempela. Kodwa lalela. Niyazi, ukubekwa izandla, ngiyakukholwa lokho. Kunjalo impela. Yebo, mnumzane, zihlanganise nomhlatshelo. Ngiyakukholwa lokho. Kodwa, buka, umRoma ngesinye isikhathi . . . Lokho yisiko lamaJuda. UJayiru wathi, "Woza, ubeke izandla zaKho phezu kwendodakazi yami futhi izophila."

241 Kodwa umRoma wathi, "Angifanele ukuthi Ungene ngaphansi kophahla lwami. Khuluma izwi nje, inceku yami iyakuphila." Manje, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade . . .

242 Futhi angikwazi. UNkulunkulu waseZulwini uyazi ukuthi angiboni muntu ngaphandle kwalo mshayeli webhasi lapha, engimaziyo, ngalesisikhathi. Ngiyazi ukuthi nginabanye abantu . . . UMfowethu Sothmann nabanye baphakathi lapha. Umkami uphakathi lapha ndawondawo, kodwa a—angimboni ngalesisikhathi. A—angi. Futhi angimboni uMfowethu Sothmann. Kodwa abekho lapha . . . Bakhona, ngiqonde lokho, kodwa angazi ukuthi kuphi.

243 Manje ngifuna ukhuleke. Khuleka nje ngobuqotho ngempela, uthi, "Nkosi, ngisize." Futhi njengoba ukhuleka, khuleka umkhuleko wokukholwa, khuleka ukuthi uNkulunkulu uzokunika isicelo sakho. Futhi uthi, "Nkosi, ngiyazi ukuthi umuntu akangazi, kodwa uma Uzongifakazela nje ukuthi Usesikebheni, ukuthi Ulapha kulesisakhiwo kulobubusuku. Manje-ke, ngiyazi ukuthi uMfowethu Branham akangazi, akazi lutho ngami. Kodwa ungitshelile, kulobubusuku nje, ukuthi Wena usenguye, UnguMesiya ofanayo, futhi wethembisa ukuthi uma ezoKukholwa, ukuthi Uzokwenza imisebenzi efanayo ngaye lowo—lowo Owawenza ngoMesiya, ngoba uMoya waKhe uzobe unathi. Manje-ke uma ngazi, kungafakazelwa ukuthi Wena ulapha, khona-ke yilokho kuphela engifanele ngikwazi. Ngizokukholwa, ngayo yonke inhliziyo yami." Uzokwenza lokho na? Futhi uma Ezoqhubekela enkundleni futhi enze into ethize njengoba Enza ngaleyonkathi, khona-ke uyokwazi ukuthi yimisebenzi Ayenza.

244 Bukani ukuthi Wenzani ngenkathi Ebona uPetru, uNathanayeli, owesifazane emthonjeni, uBartimewu oyimpumputhe, labo abaMthinta, owesifazane onomopho. Niyabo? Bazi kanjalo-ke ukuthi WayeyiZwi, ngoba Wayekwazi ukwehlukanisa imicabango yabo. Wethembisa, ngesibonakaliso sokugcina, ngaphambi kokushiswa komhlaba, lokho kuyobuya futhi, isibonakaliso sokugcina eBandleni. Nakhu la sikhona. Nanko umlayezo oya ehlelweni lebandla phandle lapho.

Nanku uMlayezo oya eBandleni, iphentekoste, abaKhethiweyo, abakhishelwe ngaphandle. Manje kholwani.

245 Manje, Baba waseZulwini, basezandleni zaKho. Ngisezandleni zaKho. Ngiyazinikela kuWe, ngibanikela kuWe, ukuze imisebenzi kaNkulunkulu yaziwe, ukuze lomlayezo omncane osikiwe kulobubusuku ungabonakaliswa kulababantu lapha eTucson, ezansi lapha phakathi nalolugwadule. Baba Nkulunkulu, kulelibandla elincane elithandekayo, nomelusi waKho omncane othandekayo lapha, Nkosi, ukuthi lelibandla liyohlala liphila ngemiphumela yeZwi likaNkulunkulu, ukuze bazi ukuthi uJesu usesesikebheni. Ukuthi, ngoba imvuselelo ayiqhubeki, lokho akusho ukuthi Usehambile. Ukanye nathi ngqo, ulungele ukubizwa nganoma yisiphi isikhathi, akunzima ukumvusa, kodwa uzoza azosihlenga.

246 NgiyaKucela, Nkosi, ukuze abantu bazi ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi Wena unguye izolo, namuhla, naphakade. Ngiyazinikela kuWe, nebandla, ukuthi, phakathi kwethu, phakathi kokukholwa kwabo nesiphiwo Ongipha sona, ukuze ukukholwa kwabo kusebenze lesisiphiwo sikaNkulunkulu, obengabiza ngalezethameli, ukuthi, lababantu abangaziwa, futhi wenze njengoba Wenza ngenkathi owesifazane ethinta ingubo yaKho.

247 Wena ungumPristi wethu oMkhulu, Nkosi. Kwangathi lababantu bangathinta ingubo yaKho, futhi Uthumele umlayezo waKho emuva kubo, njengoba Wenza ngoJesu Kristu, iNdodana yaKho. Njengoba thina, izinceku zaKhe ezingenanzuzo, singcwelisiwe ngeGazi laKhe eliyigugu, kungenza ukuthi imisebenzi kaNkulunkulu yaziwe ezweni elifayo ezinsukwini zokugcina. Futhi sizoKudumisa ngakho, Baba.

248 Khona-ke lapho sesiya ekhaya kulobubusuku, endleleni, sizosho njengalabo ababevela e-Emawuse, emva kokuba Esefile, wavuswa, futhi Wenza into ethize Ayenza ngaphambi kokuba Abethelwe. Babazi ukuthi kwakunguYe. Akekho omunye umuntu owayengakwenza. Futhi kwenze lokho futhi kulobubusuku, Nkosi. Yenza njengoba Wethembisa. Yisethembiso saKho. "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Ngiyoba naye, ngibe kuye, kuze kube sekupheleni, kwezwe." Kuzokuqinisekisa, Nkosi. Futhi sizothi izinhliziyo zethu ziyavutha ngaphakathi kwethu. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

249 Manje, eGameni leNkosi uJesu, ngiyanicela ukuba nihlale nithule, nihloniphe, nikholwe.

250 Manje, ngibuka phezu kwezethameli, naleliZwi likaNkulunkulu phambi kwami, Ngithi umuntu kuphela engimbona ngempela yilo mfowethu nga*lapha*. Futhi manje ngiyambona umkami ngemuva, futhi emuva lapho. Kodwa ake siqale lapha phambili.

251 Manje khuleka futhi uthi, "Nkosi Jesu, ngizwe izintshumayelo eziningi. Ngizwe izintshumayelo ezinguphisi wobuciko. Kodwa ngifuna ukuKubona, njengoba amaGreki asho, 'Mnumzane, sithanda ukubona uJesu.'" Ayengafuni ukwazi ifilosofi. Ayefuna ukubona Yena, ukwazi Yena, hhayi enye into ngaphandle kwaKhe. Futhi UyiZwi, niyabo, ukwazi Yena mathupha. Uthi, "Ngifana nowesifazane owayenomopho. nginesidingo. Uzozibonakalisa nje Wena uqobo kulobubusuku futhi ukhulume nami na? Wena ungumPristi Omkhulu. Bengingeke ngilazi iphimbo laKho, mhlawumbe, uma Ukhulumile. Kodwa uma Ukhuluma ngezindebe zomuntu, njengoba Washo."

252 UNkulunkulu akenzi lutho ngaphandle kokusebenzisa umuntu. Bangaki . . . Niyakwazi lokho. Niyabo? U—Umele asebenzise omunye umuntu. Manje wena . . . Uma Ezokwenza lokho, futhi afakazise ukuthi Ukhona lapha kanye nathi, uzokwemukela ukuphulukiswa kwakho na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngizokwenza. Uma ngingaMbona enza lokho, ngizokwemukela." UNkulunkulu akubusise. Manje khuleka.

253 Futhi manje uma Enza noma yini ngokuyisimangaliso, ningangabazi. Kholwani nje. Ungangibuka, wenze noma yini ofuna ukuyenza, kodwa inqobo nje uma ukholwa ukuthi nguYe. Uyakukholwa lokho, ngesiphiwo sobuNkulunkulu, esithunyelwe sivela kuNkulunkulu, sabonakaliswa yiNgelosi na? Futhi nakhu ngimi, lababefundisi bengizungezile, khona phandle lapha. Akukho lutho . . . Kunjalo, mfowethu? Sonke sihlezi lapha. Nakho la ukhona lapho.

254 Angikwazi. UNkulunkulu uyakwazi lokho. Angazi nento eyodwa ngawe, kodwa Yena uyazi. Manje, ngoMuntu ongabonwayo, uMoya oNgcwele, Ongazisa kuphela ngokubonakaliswa kwaKhe, angakwembulela khona impela Athi iZwi liyokwenza. Lapho iZwi selifakwa enyameni, linguMahluleli wemicabango yenhliziyo. Ngabe kunjalo na? Yingalesosizathu Wayengakwenza. Uyakholwa manje. Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Yiba nokukholwa nje.

255 Isikhathi esimnandi kangaka pho! Ngicabanga ukuthi lezi yizikhathi ezimnandi kakhulu empilweni yami, lapho ngikwazi ukuma phambi kwesigejane sabantu futhi ngibazise ukuthi ukukhonza kwabo akulona ize. Zonke ezinye izinkolo emhlabeni zingamanga, ngaphandle kobuKristu. Zonke ezinye izinkolo emhlabeni azilungile, ngaphandle kobuKristu. UbuKristu yibo kuphela obungakukhomba ethuneni elingenalutho, futhi uvule inhliziyo bese uthi, "Uhlala lapha," futhi ukufakazise. Manje, nakhu Akwethembisa. Ingabe Uzosigcina isithembiso saKhe na? Yilokho-ke. Ingabe Uyasigcina isithembiso saKhe na? Yebo, mnumzane.

256 Uthi, “Awu, Mfowethu Branham, yehla futhi ungiphulukise.”

257 Ngifisa sengathi bengingakwazi. Usevele ukwenzile. Into kuphela Afuna uyenze ukukukholwa. Niyabo?

“Ungangisindisa, Mfowethu Branham na?”

258 Ngifisa sengathi bengingakwazi. Kodwa Usevele ukwenzile. Unakho . . . Into kuphela Ayengayenza, ukuba Wayemi lapha egqoke lesudu, Anginika yona, into kuphela Angayenza yilokho impela nje esiMcela ukuba akwenze manje, niyabo, asazise nje ukuthi nguYe.

259 “Ungesabi, yiMina. Yiba nesibindi.” Niyabo? Abafundi, ngenkathi Ehamba phezu kwamanzi, bacabanga ukuthi kwakungumoya, isipoki, noma okuthize. Babethukile. Wathi, “Ungesabi. YiMi” Niyabo? Futhi yilokho Azokusho kulobubusuku, “Ungesabi. YiMi.”

260 Ngibuka owesifazane ohlezi lapha nje, engibhekile ngqo. Futhi uma ungaKubona manje, kukhona lokho kuKhanya khona phezu kowesifazane ohlezi khona lapha. Angikwazi. Kodwa, nansi into eyodwa, uhlushwa yinkathazo emhlane wakho. Ngabe kunjalo na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Ukukholwa kwakho kuyakuphilisa.

261 Ngitshele ukuthi uthinteni. Angikaze ngimbone empilweni yami. Siyizihambi komunye nomunye na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ngakho, niyabo, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Kodwa ngimbonile *kanje*, futhi ngangazi lapha yilapho okwakukhona. Kulungile. Ya.

262 Lapha, nansi into ethize. Nansi intombazanyana ihlezi lapha esihlalweni esingaphambili, umntwana nje. Ngokushesha nje lapho ngikhuluma igama layo, yona—yona yaqala yakhala. Intombazanyana ifuna okuthile okwangempela. Udadewabo ukhala izinyembezi, emva kwayo. Angimazi umntwana, angikaze ngimbone empilweni yami, njengoba ngazi ngakho. Kodwa ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Lokho kuyiqiniso. Ingabe kunjalo, ntombazanyana na? Kunjalo. Phakamisa isandla sakho esincane. Niyabo? Nakho-ke. Ayiveli lapha. Ivela empumalanga yalapha. Iyindodakazi yesithunywa senkolo. Empeleni, ubaba wayo ufisa ukungibona ngombuzo. Angikaze ngiyibone empilweni yami, kodwa lelo yiqiniso ncamashi. Ungesabi, s’thandwa. Uzowamukela uMoya oNgcwele. Ukukholwa kwakho kuyakwenza. Kholwa nje.

263 Uma lowo mntwana omncane engakwenza lokho . . . Buzani umntwana, bhekani ukuthi kunjalo noma akunjalo. Uma lowo mntwana omncane . . . Bathinteni na? Ntombazanyana, unalo ikhadi lomkhuleko, s’thandwa na? Awunalo? A—awulidingi. Uyabo? Unokungaphezu kwalokho ikhadi lomkhuleko eliyikho, s’thandwa. Unokukholwa.

264 Khumbulani, uzokwamukela uMoya oNgcwele. Yena, uzowemukela. Ngokusobala, Useduze kwakhe manje. Uthi, "Wazi kanjani na?" Ngaze kanjani ukuthi yini ebingalungile, lokho akade ekufuna na? Niyabo? Manje, uma lowo mntwana, "umntwana uyakubahola," kungani kungabi nguwe manje na?

265 Kunenenekazi elihlezi khona lapha, elingibhekile. Lihlushwa yisimo sokwethuka. Likhulekela umyeni walo, futhi, ongasindiswanga. Uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungakwemukela lokho okucelile. Amen.

266 Lapha, owesifazane osemusha ohlezi khona ngqo emuva *lapha* ohlwini olungaphandle, unenkathazo yabesifazane. Ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uzophulukiswa. Uyakukholwa lokho na?

267 Kukhona inenekazi eliyikhaladi elihlezi emuva ngqo emva kwakhe lapho. Lisemkhulekweni, kodwa likhulekela othandekayo. Yikhehla, ubabezala. Nalowo babezala useneminyaka egula. Kunjalo. Ngiyisihambi kuwe. Ngabe kunjalo na? Lokho kwabangelwa uhlobo oluthile lwengozi eyaqala inkathazo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Uyakholwa na? Ungakwemukela lokho okucelile.

268 Empeleni lokho kuqale ukugingqika. Elinye inenekazi eliyikhaladi elihlezi emuva ngqo lapho, lihlushwa yisifuba somoya. Inenekazi lizokugeja. Nkulunkulu, ngisize. Nkk. Jamison, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Sukuma ume ngezinyawo zakho. Angikwazi. Kodwa, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke.

269 Wena uthi, "Uyalazi igama lakhe na?" Ngani, impela. Akamtshelanga yini uPetru ukuthi lalingubani igama lakhe na? Ya. Impela. Wazi zonke izinto.

270 Nansi indoda ehlezi lapha, izobulawa umdlavuza, uma kukhona into ethile engayithinti masinya impela. Inomdlavuza. Kunjalo. Uyakholwa na? Uyakholwa na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Mnu. Ladd, manje-ke, uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungaphulukiswa. Angikaze ngiyibone indoda empilweni yami.

271 Bizani uJesu. Uphakathi kwenu manje. Aniboni na? Niyakholwa na? Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Uyakholwa ukuthi ungaMvusa kunembeza wakho manje na? Niyabo? Niyakholwa na? Uma nikholwa, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, *kanje*. Velani nibeke izandla phezu komunye nomunye. Mbizeleni enkundleni. Lowo nguYe. Niyakukholwa na? Lowo nguYe. Buzani lababantu. Angikaze ngibabone empilweni yami.

272 Manje kukuyo yonke indawo, kuso sonke isakhiwo manje, njengoba nibeke izandla zenu komunye nomunye. Ningeke nathatha izwi lami na? Uma uNkulunkulu ekuqinisekisile

ukuthi nginitshele iqiniso, niyabo, khona-ke thathani izwi lami ngakho. Nginitshela ukuthi liyini iqiniso. Liyini iqiniso na? Bekani izandla zenu komunye nomunye. Ningangabazi. IBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Nangu uJesu phakathi kwethu, khona manje, uMoya kaKristu.

273 Manje, njengoba ubeka izandla zakho phezu komuntu onawe, manje bakhulekele. Qhubeka nje, ubeke izandla zakho phezu kwabo futhi ukhuleke. Ngizokhuleka ngilapha. Futhi ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzoniphulukisa nonke. Beka izandla zakho phezu kwabo, futhi ukholwe, sisakhuleka.

274 Nkosi Jesu, sibonga Wena. Inhliziyo yami iyagijima, ngokuba nangu Wena, khona lapha eTucson. Nangu Wena, khona lapha kulombuthano webandla. Ulapha phakathi kwabantu. Ukufakazisile, Nkosi. Lezi zinto bezingenziwa kanjani ngaphandle kokuthi kube ngezikaNkulunkulu na? Akumangalisi ukuthi umphostoli wathi, "UMuntu ofakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwethu, ngezibonakaliso nezimangaliso, okungukuthi (Yena) uNkulunkulu akwenza ngaYe phakathi kwethu sonke, esingofakazi." Futhi nansi leyoNdoda efanayo, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngesimo sikaMoya oNgcwele, kulobubusuku, ehamba phakathi kwethu, eqinisekisa amaZwi aKhe. "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Siyazi ukuthi Wena ulapha, Nkosi. Awusishiyanga.

275 Manje, lababantu banezandla zobo komunye nomunye. Bangamakholwa. Bayakhulekelana omunye nomunye, futhi bayakholwa ukuthi Uzobasindisa.

276 NgeZwi likaNkulunkulu ophilayo, ngenselele iZwi elinikezayo, ukuthi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." EBukhoneni bukaJesu Kristu ovukile, iNdodana kaNkulunkulu, eBukhoneni baKhe! UBukhona, uMoya oNgcwele olapha ngqo manje, futhi ufakazisile ukuthi nguJesu phakathi kwethu, usivusile, Nkosi, ebuthongweni bethu, kuze kube izinhliziyo zethu zishaya ngamandla ngokukholwa nokudumisa.

277 EGameni likaJesu Kristu, sengathi konke ukugula kungakhulululeka kubantu ngalomzuzu. Kwangathi bangakhululwa kukho konke ukugula kwabo nokuhlushwa abanakho. Ngimangalela uSathane, ngoBukhona bukaJesu Kristu, esikhumbuzweni seZwi laKhe, lokho kwathi, "NgeGama laMi bayokhipha amademoni." Thina, njengamadoda nabesifazane abakholwayo, siphonsela lodeveli inselelo. EGameni likaJesu Kristu, shiya lelibandla. Phuma kubo bonke. Futhi kwangathi bangahamba bekhululekile, kulobubusuku, ukuya ekhaya, ukuze bazithole bekhululekile ekuguleni,

bekhululekile ebuhlungwini, bekhululekile ekuhlushweni, bonke, Nkosi. EGameni likaJesu Kristu makube njalo.

278 Amakhanda enu ekhotheme manje, qhubekani nikhulekelana. Manje, uma kukhona owesilisa noma owesifazane, obenokungabaza enhliziyweni yabo, umfana noma intombazane, futhi ukholwa ukuthi manje useBukhoneni baLowo engikhulume ngaye kulobubusuku, Uwenze ngokuphelele futhi wanitshela; futhi wakufakazisa kini ngeZwi laKhe, ukuthi Uyokwenza, futhi ufikile futhi wenza khona impela Athi Uyokwenza, niyabo, phakathi kwethu kulobubusuku. Futhi uma ungeyena umntwana kaNkulunkulu, ungakhuphukela lapha e-altare ngenkathi uMoya oNgcwele ungigcoba futhi ugcoba laba abanye, futhi ake sikukhulekele na? Uzoza sisakhothamise amakhanda ethu, amakhanda ethu ekhotheme nje umzuzu, njengoba sihamishela ngaphakathi kwethu, "Kholwa kuphela, zonke izinto."

279 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngiye ngamfunisisa uNkulunkulu iminyaka, futhi a—a—angikaze ngikwazi ukugcwaliswa ngoMoya. Angiyena umKristu ozelwe ngokusha. Ngi—ngifuna ukuzalwa ngokusha. Ngi—ngiyakufuna ngempela. Futhi mina, Mfowethu Branham, ngifuna ungikhulekele."

280 Uzokhuphukela lapha futhi ume lapha, ngenkathi sisahamisha leli, noma silicule kanye, namakhanda ethu ekhotheme nezinhliziyo zethu zikhotheme na? *Kholwa Kuphela*. Ngizizwa ngiholeleka ukwenza lokhu, ngandlela thize. Angazi. Angilokothi ngikwenze lokhu. Kodwa ngizwa ngiholeleka ukuthi ngikwenze khona manje, ukuthi lolu bizo kufanele lenziwe. Ngakho, ukuthi, ekupheleni konyaka, lapho ngima phambi kwenu futhi . . . Mhlawumbe ngeke ngiphinde, uma ngibuya lapha ngemva konyaka kusukela namuhla, kuyoba khona . . . Uma ngiphila unyaka, abaningi lapha ngeke. Niyabo? Ngeke babe khona, ngoba kunabantu asebekhulile lapha. Futhi—futhi abaningi benu ngeke babe lapha unyaka kusukela kulobubusuku, kodwa ngizodingeka ngihlangane nani ngesikhathi esithile. Ngakho, eBukhoneni bukaKristu, ngiyakucela ukuba uze ngaphambili manje, eGameni likaJesu, futhi Memukele njengoMsindisi wakho, sisacula manje namakhanda ethu ekhotheme.

Kholwa kuphela, kuphela nje . . .

Ufuna ngikhuleke nawe, uzoza na?

Zonke izinto ziyenzeka, ungeke kanye nje . . .

281 Kholwani nje ukuthi Ulapha, cabangani nje, Lowo othandekayo ukuthi uzodingeka ume ekwahluleleni kwaKhe ngesinye isikhathi. Uma isono sikukhathaza, ngeke uze ngaphambili na?

. . . kholwa kuphela,
Konke . . .

Kulungile lokho. Woza ngqo phezulu. Nina nonke . . . Woza khona lapha, dade. Ukhona omunye ofika khona manje na? Woza phambili ngqo.

O Nkosi, ngi . . .

Yilokho kuphela. Yilokho kuphela. Woza.

. . . Nkosi, ngizokholwa,

282 "Ngizokholwa khona manje, Nkosi, Wena ulapha."

Konke . . .

"Ngizamile, Nkosi, kodwa angazi. Zonke izinto ziyenzeka. Nkosi, ngiyakholwa. Ngifuna ukulunga noNkulunkulu. Nginga . . ." UNkulunkulu anibusise, bafana, enivela ngaphandle.

283 [Umfowethu uthi, "Ufuna bangene *lapha* na?"—Umhl.] (Manje, lokho kulungile, mfowethu. Kulungile nje. Ngizokwehla ngiye kubo ngqo. Ngizonehlisa nonke . . .? . . .)

. . . O Nkosi, ngiyakholwa,
Zonke izinto zingenzeka, O Nkosi, ngi . . .

284 Nkosi, emva kokuthi Uvukile kwabafileyo, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, futhi lapha Wenza isithembiso sokuthi siyoKubona ngezinsuku zokugcina, ukuthi Uyokwenza yona kanye lento. Futhi nakhu Uza ngalapha, kulobubusuku, phambi kwamehlo ami ngqo, kulonyaka wobuhlakani, unyaka wesayense, futhi wephule yonke imithetho yesayense, wephule yonke into eshiwo abagxeki, futhi wehlele phakathi kwethu ngqo, futhi ufakazele ukuthi Uvusiwe kwabafileyo. "Ngizokholwa, Nkosi. Ngiyakholwa," ngenkathi sisalicula kanye futhi.

Nkosi, ngiyakholwa . . .

285 Nizoza manje, nina nonke na? Wozani niqhubeke ngqo. Hambani nikhuphuke, nonke. Bonke abafuna ukwemukela uKristu kulobubusuku, ungeze na?

. . . izinto ziyenzeka, O Nkosi, ngiyakholwa;
O Nkosi . . . ("Nkosi, ngizokholwa.")

286 Akukho okunye okumele kwenziwe, Nkosi. Leso yisibonakaliso sokugcina Owasethembisa. Ukushumayela iZwi, ukuphulukisa abagulayo; khumbula, iZwi selishunyayelwe, abagulayo baphilisiwe. Kodwa nasi isibonakaliso sokugcina eBandleni elibizelwe ngaphandle, iBandla lePhentekoste elibizelwe ngaphandle. Isibonakaliso salo sokugcina. "Ngizokholwa."

287 Manje, njengoba sinalezi, inombolo ephelele lapha kulobubusuku, yesikhombisa, isho ukuphelelisiswa. Bengifuna nje ukuba nesiqiniseko. UMoya oNgcwele . . . Awukaze ungibone nginenkonzo yokuphulukisa, bese-ke ngiphenduka ngizungeza futhi ngenze ukubizela e-altare. Uyabo? Kodwa uMoya

oNgcwele wathi, "Kwenze." Uyabo? "Kwenze khona manje. Lesi yisikhathi. Kwenze." ngacabanga . . . Ngaphendukela kuMfowethu Mack. Wathi, "Uyakwenza." Nampa, isikhombisa, inombolo ephelele. Kungase kube ukubizwa kwabo kokugcina, kodwa baye balalela. Benze khona impela lokho uNkulunkulu abatshele ukuba bakwenze.

288 "Ozwa amaZwi aMi akholwe ngoNgithumileyo, unokuphila okuphakade, kayikungena ekwaHlulelweni, kodwa wedlule ekufeni wangena ekuPhileni." Badlulile ekufeni bangena ekuPhileni.

289 "Lowo onamahloni ngaMi phambi kwabantu, naye Ngiyoba namahloni phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele. Kodwa lowo ozoNgivuma phambi kwabantu, yena Ngizomvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele." Nakhu bemile, amadoda amathathu nabesifazane abane.

290 Futhi benazi yini ukuthi yileyondlela amazinga okuzala ayikho ezweni namuhla, eUnited States na? Abesifazane abane kuwo wonke amadoda amathathu. Yileyo ndlela amazinga okuzala ayiyo. Nanka amazinga okuzala futhi kulobubusuku, ngibuyela ebandleni. IMelika ithola okwayo kokugcina. Isiphelile. Yilokho kuphela. Sisesikhathini sokuphela.

291 Manje angazi noma abanye besifazane, omunye umama olungile noma owesifazane lapha, ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, abathathu noma abane benu, beningeza lapha, nime nalabodade, ngenkathi ngisahamba ngiyobakhulekela. Futhi abafowethu abathathu noma abane, mhlawumbe abafowethu abangabefundisi lapha, behle, bame eduze kwalezinsizwa ezinhle ezimi lapha, nime lapha sisafakaza ndawonye. Ngizokwehla, ngikhuleke, futhi ngibeke izandla phezu kwalababantu. Futhi ngifuna wonke umuntu kulelibandla akholwe kanye nami, sisakhuleka. Kunjalo. UNkulunkulu anibusise, bazalwane. Ngehla nanye nani, ukubeka izandla phezu kwabo.

292 Manje ngifuna wonke umuntu ahloniphe ngempela, uma nithanda, okomzuzwana nje, ingxenye engcwele kakhulu.

293 Manje bukani. Yilokhu kuphela abangakwenza. Ngu . . . Buka. Niyazi, balizwile iPhimbo likaNkulunkulu, futhi benyukela lapha. Lezi zinsizwa kulonyaka, laba besifazane kulonyaka, bahambe benyukela lapha ukuze benze ukuvuma esidlangalaleni, sebeqedile ngesono. Ngithe, "Noma ubani ofuna ukwamukela uJesu Kristu njengoMsindisi wabo, woza ngaphambili."

294 NoBukhona bukaNkulunkulu bazisa imicabango, butshela abantu ukuthi yini engalungile ngabo, ukuthi bangobani, kuthiwani ngabo, kukuphi lapho abavela khona, niyabo, uma lowo kungeyena uKristu, khona-ke kuyini na? Yisethembiso. UNkulunkulu wathi Uyokwenza. Futhi labo bantu, mhlawumbe

okokuqala ngqa ukuba bake...Futhi bona, izoni, bathi, "Yebo, ngiyakukholwa lokho. Yilokho kuphela. Nanto iZwi elenziwe—lenziwe labonakaliswa. Lenziwe inyama. IZwi liyinyama futhi, uNkulunkulu esebenza ngenyama yomuntu. Siyazi ukuthi kuyiqiniso." Futhi bakhuphukile futhi bathi, "Ngiqedile ngesono." Lokho kuwukuvuma esidlangalaleni. Lokho kuyakwenza.

295 Manje, nina bantu abathandekayo enikhuphukele lapha, ngolunye usuku ngifanele ngihlangane nawe, dade, ngaphesheya komngcele ngaleya, ngamunye wenu. Ngifanele ngihlangane nani ngaleya. Ngifanele ngiziphendulele ngalokho engikushilo. Bazalwane, ngifanele ngiziphendulele. Wena, ungahle ukuba wenze izinto ezinkulu ezinhle. Kungenzeka uye walalela abazali bakho. Kungenzeka ukuthi wenze izinto ezimangalisayo. Kodwa into enkulu kunazo zonke oke wayenza empilweni yakho yilokho okwenzayo njengamanje. Niyabo? Lokho kuyinto enkulu kunazo zonke owake wayenza.

296 Manje, uma uNkulunkulu—uma uNkulunkulu ethumele phansi uMoya waKhe futhi wafakaza, kwase kuthi-ke yona kanye Into yakhuluma ngami yathi, "Biza." Manje, uma uke waba semihlanganweni ngaphambilini, uyazi angikwenzi lokho. Ngiyokudlulisela kumelusi. Kodwa Wathi, "Wena yenza lokhu." Niyabo? Ngabe sengikwenza-ke. Ngokushesha impela, bengizokwenza. Bekukhona umuntu mumbe ngapha, futhi bekundawo ndawo lapho engibone khona lokho kuKhanya kuhamba phezu kwabo. Ngiqalile. Futhi khona manjalo, Kwanqamuka. Niqaphelile ukuthi Kushintshe kanjani na? Kwathi, "Wena yenza lokhu." Kwathi, "Biza khona manje." Yilokho kuphela ebengingakwenza. Kulungile. Yikho kuphela ebengingakwenza. Nakhu la ukhona.

297 Manje, uJesu wathi, kuJohane oNgcwele 5:24, niyabo, yilokhu, ukuthi, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade." Uyakukholwa lokho, ndodana na? Niyakukholwa lokho, ngamunye wenu madoda na? Nina besifazane niyakukholwa lokho na? Yilokho kuphela obungakwenza.

298 Khona-ke wenzani na? Yamukela. Akukho ongakwenza. Ithi, "Nkosi," enhliziyweni yakho, "Ngiyaxolisa ngengikwenzile. Ngiyakwamukela ngentokozo lokho uJesu angenzele khona. Kulobubusuku, kusukela kulelihora kuqhubeke, ngizoMphilela. Ngizokwemukela uJesu Kristu njengoMsindisi wami. Ngizokwamukela umbhaphathizo wamaKristu. Ngikholwa ukuthi Uzongigcwalisa ngoMoya oNgcwele. Ngifuna ukuphilela Wena."

299 Isikhashana nje futhi uzothola ukuthi konke sekushintshile, futhi uyisidalwa esisha. Impilo entsha iyangena, futhi uphila kusukela lapho kuqhubeke. Futhi ngiyophinde

ngihlangane nani esihlalweni sokwahlulela sikaKristu, ngamunye wenu. Ngiyohlangana nani lapho, futhi kuzodingeka ngibe nesibopho ngalokho engi. . . UNkulunkulu uzongenza ngizibophezele. Kodwa uma uzokwamukela phezu. . . Sithi, "Konke engikwenzile, Wena uyazi, Ngenyukela lapha phambi kwalababantu ukukhombisa ukuthi ngiyaxolisa. Angikwenzi. . . Bengingaqondile ukwenza lokho. Angisafuni ukukwenza. Sengiqedile." Yilokho oku. . .

300 Manje ngifuna nikhothamise amakhanda enu. Ngifuna ngamunye wenu bafowethu nodadewethu nibeke izandla zenu phezu kwami. Ngifuna umuntu ngamunye webandla phakathi lapha, umKristu ngamunye, nikhothamise amakhanda enu ngomkhuleko othobekile ngenkathi ngisakhuleka. Futhi ningakhuleka kanye nami, ukuthi uNkulunkulu uzosipha lesisicelo na?

301 Manje, Baba waseZulwini, nakhu kumi owesifazane ekhala, owesifazane osemusha, owesifazane osemusha omuhle emi lapha, ekhala. Yena. . . [UMfowethu Branham uyaqhubeka nokukhuleka nabantu. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

302 . . . phezu kwaKho uqinisekisa lokho Owathi Uyokwenza. Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Wehla futhi waphulukisa abagulayo nabafayo, futhi baguquliwe besuka ekufeni bangena ekuPhileni.

303 Kwase kuthi-ke abanye, befa ngokomoya, baphuthume e-altare. IziNgelosi zaseZulwini ziyajabula, ngokweZwi likaNkulunkulu, "Abalahlekile sebebuyile." UJesu wakhipha amademoni ngomunwe kaNkulunkulu, kodwa lapho Esindisa imvu, Wambeka phezu kwehlombe laKhe, okunamandla kunakho konke okomzimba waKhe, wayesemngenisa.

304 Manje nampa, Nkosi. BangabaKho. Ngibanikela kuWe, njengezimpawu zothando zoBukhona baKho kulobubusuku. Bagcine, Nkosi, ngokuthula okupheleleyo. Futhi ubanike ukuPhila okuPhakade, ukuze bangabhubhi neze, kodwa baphile inguna phakade. Nkulunkulu, Wethembisa ukuthi Uyomvusa ngosuku lokugcina. Ngiyakukholwa lokho. Futhi bangabaKho.

305 Manje amakhanda ethu ekhotheme, wonke umuntu. Ngifuna ukunibuza nina eniza e-altare manje nje, ukuthi, kusuka—kusuka ekujuleni kwenhliziyo yenu, niza ngobuqotho. Futhi ngokusuka ekujuleni kwenhliziyo yakho uyakholwa ukuthi iBhayibheli liqinisile; ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, wafa esikhundleni sakho. Awukufanele. Awufanelekile. Uyakwazi. Kodwa ngenxa yokuthi wawungafanelekile, uNkulunkulu waMthuma, Lowo ofanelekile; ukuze nina, ekungafanelekeni kwakho, ningenziwa amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Lutho. . . Kodwa into ethize nje enhliziyweni yakho ikutshela ukuthi lokho kulungile, futhi uyakwamukela. UyaKukholwa ngenhliziyo

yakho yonke, futhi uMemukele njengoMsindisi wakho. Akukho okwenzile, kodwa lokho okholwa ukuthi Yena ukwenzile. UyaKukholwa. Ngifuna wena uphakamise isandla sakho, uthi, "Mina manje, eGameni likaKristu, ngizokwamukela uJesu Kristu ukuba athathe indawo yami lapho." Yilokho kuphela Afuna ukukwenza, ukuthatha indawo yakho. UNkulunkulu akubusise, futhi akubusise. "Uzothatha indawo yami."

306 Manje ngifuna nijikele ngqo ezethamelini, nibheke ngqo ngasezethamelini. Phendukela emuva ngqo nga*le*ndlela, ubheke ngasezethamelini. Ngifuna nina bantu enimile, nikhuleka, ngifuna nonke nibuke phezu kwababantu. Manje babhekisiseni njengoba bephakamisa izandla zabo.

307 Nina enaziyo ukuthi naniyizoni, futhi manje senidlulile ekufeni nangena ekuPhileni, phakamisa izandla zakho phezulu emoyeni futhi *kanjalo*. Phakamisa izandla zakho. Ngifuna nina ezethamelini enibemukela njengabafowenu nodadewenu, niphakamise izandla zenu *kanjalo*. Manje, nakho lapho okhona.

308 Udumo kuNkulunkulu! Makabongwe uNkulunkulu! BangabaKho. Bangamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, abahlengiwe.

309 Manje ake, sonke sikhothamise, amakhanda ethu, futhi sinikeze ukubonga kuNkulunkulu ngalokho Abenzele kona.

310 Bangaki phakathi lapha, obegula, abazizwe begula, futhi manje phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikholwa ukuthi ngiyazi ukuthi uBukhona bukaJesu Kristu kulobubusuku bungenze ngasinda. Angisaguli." Phakamisani izandla zenu, nonke. Bukani lapha, zonke izethameli. Kuhle. "Manje sengiphilile ngeGazi likaJesu Kristu."

311 Manje, ake sikhothamise amakhanda ethu futhi. Futhi ngamunye, nina bantu, hambani nikhuphuke, bekani izandla zenu phezu kwalababantu, nina maKristu. Wena ufuna ukubanika isandla sokunene senhlanganyelo, futhi ubabusise, futhi ubamemele ebandleni lakho, kumbe noma yini oyenzayo. UNkulunkulu abe nani.

312 Futhi ake sikhothamise amakhanda ethu manje. Futhi ngamunye wethu, ngendlela engeyethu uqobo, sibonge uNkulunkulu ngalokho Akwenzile. Kulungile. Asikhothamise amakhanda ethu.

313 Mfowethu Mack, kungani ungezi lapha futhi usihole ngalomkhuleko. Yebo, Nkosi. Yebo.

*Hamba, Uvuse UJesu* ZUL63-1103
(Go, Wake Jesus)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoNovemba 3, 1963, eGrantway Assembly Of God eTucson, e-Arizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

